



2

GRADE

ISIZULU

Home Language

TEACHER TOOLKIT

CAPS Aligned
Lesson Plans
and Resources

TERM 1



Jika iMfundo
what I do matters

ENDORSED BY



GRADE 2

isiZulu

Home Language

Teacher Toolkit:
CAPS Aligned Lesson Plans
and Resources

TERM 1

Published in 2020 by Jika iMfundo.

Jik'iMfundo is a programme to improve learning outcomes, funded by the National Education Collaboration Trust, the KwaZulu-Natal Department of Education and others.

The Programme to Improve Learning Outcomes (PILO)
The Shed, The Pines, 9 Gordon Hill Road, Parktown, 2193
Tel: + 27 10 880 2431
Email: admin@pilo.co.za

© The National Education Collaboration Trust (NECT)
A partnership involving business, civil society, government and labour that strives to improve education outcomes.

The National Education Collaboration Trust
Ground Floor, Block D, Lakefield Office Park, 272 West Avenue, Centurion, 0163
Tel: +27 12 752 6200
Email: info@nect.org.za
Web: www.nect.org.za

No part of this publication may be reproduced without prior permission from the NECT.
These materials are currently being evaluated and will be improved on the basis of the evaluation.

ISBN: 978-1-990904-16-5

Materials development by the PILO team along with representatives from the districts and province.

Publishing management by The Word Horse, www.wordhorse.co.za
Design by COMPRESS.dsl, www.compressdsl.com
Typesetting by The Maas Group, www.themaasgroup.com

These lesson plans and resources were initially developed by the Gauteng Department of Education as part of the Gauteng Primary Literacy and Mathematics Strategy. They are being used in KwaZulu-Natal under a memorandum of agreement between the two provinces. They have been revised for the context of KwaZulu-Natal on the advice of district and provincial officials.

CONTENTS

A. About the Lesson Plans	2
B. Weekly Lesson Plans	7
Week 1 / Isonto 1	7
Week 2 / Isonto 2	15
Week 3 / Isonto 3	27
Week 4 / Isonto 4	38
Week 5 / Isonto 5	48
Week 6 / Isonto 6	58
Week 7 / Isonto 7	65
Week 8 / Isonto 8	75
Week 9 / Isonto 9	86
Week 10 / Isonto 10	97
C. Printable Resources	108
1. Flashcard templates: Look-and say words	108
2. Flashcard templates: Phonic sounds/letters	131
3. Phonic sheet: Homework spelling words	135
4. Reading sheet: Homework look-and-say words	136
5. Handwriting style guide	137
6. Line drawings of the posters:	138
<i>Activities with Friends</i>	138
<i>Healthy Living, Healthy Eating</i>	139

A. ABOUT THE LESSON PLANS

The lesson plans in this book are part of the Jika iMfundo teacher toolkit for isiZulu Home Language Grade 2 Term 1. They give you, the teacher, detailed information about how to teach a CAPS-aligned lesson every day. By following the lesson plans, you will ensure that you cover the curriculum and give your learners the best possible chance of developing the knowledge and skills required for isiZulu Home Language in this grade.

The rest of the toolkit comprises a lesson and assessment planner and tracker, posters, and graded readers which you will receive for your class, and a variety of printable resources provided after the lesson plans in this book. Details of resources needed are given in the *Broad Guidelines for Using the Lesson Plans* section below, and in the tracker and lesson plans themselves.

Each lesson plan tells you what resources you will need, and any special preparation that you need to do. Where the DBE workbook is referred to, it is the 2017 edition. Please note that the DBE workbook pages change very little from year to year, but you should still check that the worksheets recommended for a particular lesson are still relevant in the edition of the workbook you are using. **It is very important that you read the lesson plans well in advance** so that you can gather your resources, prepare your chalkboard, and be clear about the lesson steps and how to manage each activity before it begins.

All the CAPS content, concepts and skills specified for each component for the term are taught, and all the formal assessment requirements are met in the lesson plans. The particular CAPS concepts and/or skills being focussed on in an activity are noted in the plan for that activity. You should always make sure you that you focus on teaching these concepts and/or skills.

The time given to Home Language in these lesson plans is seven hours. Each day has either 75 or 90 minutes of Home Language work. On any day, learners will work on more than one component of the Home Language curriculum, and over the week will cover all the components as required by the CAPS. Apart from the first week, the daily plan of activities

is the same from week to week. It is shown in the table below. This might assist you in drawing up your timetable.

Day	Components	Time allotted
1	Listening and Speaking Phonics Handwriting	30 minutes 30 minutes 30 minutes
2	Group Guided Reading Group Guided Reading Shared Reading	30 minutes 30 minutes 30 minutes
3	Phonics Handwriting Group Guided Reading Shared reading	30 minutes 15 minutes 30 minutes 15 minutes
4	Listening and Speaking Writing Group Guided Reading	15 minutes 30 minutes 30 minutes
5	Phonics Group Guided Reading Writing	15 minutes 30 minutes 30 minutes

It is important that you don't not miss any lessons. You should also teach the work in the sequence given in the lesson plans to ensure progression. The tracker for this term will help you keep track of your progress. If for any reason you cannot teach on a certain day, or do not complete the work set, you will need to find a way to get back on track. Your colleagues and head of department will help you.

After every lesson, you should reflect on how it went, and jot down notes to use when you complete the weekly reflection in the tracker.

Listening and Speaking

Listening and speaking are crucial for all learning and need to be developed early in children's lives. The listening and speaking activities in these lesson plans develop the learners' abilities to listen to complex instructions, stories and poems. They also help the learners to speak about their own personal experiences, tell stories, participate in discussions and answer higher order questions.

In Term 1 there are two activities focussed on Listening and Speaking each week. One lasts 30 minutes and the other 15 minutes. The posters are *Activities with*

Friends (Ukwenza izinto nabangane) and *Healthy Living, Healthy Eating (Ukuphila Impilo Enhle, Ukudla Okunempilo)*. You will receive large coloured posters for your classroom, and A4-sized posters are included in the *Printable Resources* section. You can photocopy these for your learners to use in various ways. The methodology for teaching the Listening and Speaking component is given in the lesson plans.

In addition, every day begins with **oral work**. In this, learners talk about the day, weather and special events, share news and do show-and-tell. This oral work should not take more than five minutes to allow enough time for the rest of the activities to be given their correct time allocations. Ensure that each learner has a chance to speak in this part of the lesson at least once every two weeks.

Note: Learners should be encouraged to listen without interrupting, show respect for the speaker and take turns to speak in all activities, not only those specifically related to the *Listening and Speaking* component.

Reading and Phonics

Phonics

There are three phonics activities each week, two of 30 minutes and one of 15 minutes, giving a total of 75 minutes. You will need to make flashcards of the sounds being learnt. Templates for making these flashcards can be found in the *Printable Resources* section. Learners also learn to read and spell words with the phonics in them. Examples of some spelling words are given in the lesson plans. Learners need a copy of these words to learn each week. You can write them on the board for them to copy, or you can photocopy the weekly list for them to stick into their homework books. There is a sheet of the weekly spelling words in the *Printable Resources* to assist you in this. You can introduce additional spelling words to your learners if you like.

The methodology for the phonics work is given in the lesson plans. You will see that there are activities where a new sound is introduced and activities where the sound is revised. Sometimes there is a spelling test in the phonics time.

In order to help learners learn their spelling words, you could suggest that they do the following:

- **Look** at the word, e.g. umama
- **Sound out** the word, e.g. u-ma-ma

- **Cover** the word with one hand
- **Write** the word, e.g. umama
- **Check** the word that they have written to see if they have spelt it correctly
- If it is incorrect **start the process** again until they write the word correctly
- Use this process when learning all words.

The sounds that are covered in the term are in the *Phonics Programme* below.

PHONICS PROGRAMME	
This term you will cover the following phonic sounds:	
Week 1	No sounds taught
Week 2	Revision of Grade 1 sounds
Week 3	nd
Week 4	nk, nx
Week 5	nj, nt
Week 6	ny, nz
Week 7	ns, Assessment
Week 8	nc
Week 9	nq, Assessment feedback and support
Week 10	Revision

Reading

Shared Reading

In Grade 2 Home Language, the *Shared Reading* component falls under the Reading and Phonics component. Each week 45 minutes is allocated to Shared Reading. There are two lessons – one of 30 minutes and one of 15 minutes. The methodology for the lessons is in the lesson plans.

In the two lessons each week, learners work with different texts. They listen to stories from the DBE workbook and engage with them. In some lessons they work with other texts such as pictures and photographs, and in others they read books. It is important that you have a set of books ready for the learners to follow while you read aloud in Shared Reading lessons. Ideally, each learner should have a book, but they might have to share one book between two or three learners.

Which kind of text is to be used in each lesson is made clear in the lesson plan and the tracker. Some Shared Reading lessons are used to help learners understand what a sentence is and how to use punctuation (capital letters, full stops, commas and question marks) so that they can use these in the Writing component. Present and past tenses are also taught in Shared Reading

lessons so that the learners can use these tenses when they write sentences. The detailed methodology of how to teach Shared Reading is given in the lesson plans.

Group Guided Reading

In this term, learners will read four books in Group Guided Reading. There is one preparatory session each time a new book is started. These are followed by sessions in which learners actually read in small groups.

In the preparatory session each time the learners begin a new book, you read the book to the whole class so that they hear the whole story and teach them the look-and-say words from the part of the book they will read in the week. The look-and-say words are words that have not been previously taught or cannot be decoded (sounded out). Some words will be spelling words but will be taught as look-and-say words if the phonic sounds in the words have not yet been taught. For example, **khw** is taught in Grade 3. This means that learners will not be able to decode a word like **isikhwama** because they have not learnt the **khw** sound. The word **isikhwama** therefore becomes a look-and-say word until they have learnt this sound. It is very important to use pictures, objects or actions to explain the meaning of any look-and-say word that learners may not understand so that they read with meaning.

The teacher uses flashcards of the look-and-say words to help learners in class. The words are provided in the *Printable Resources* section at the end of this book. The words are also printed on a reading sheet, which should be given to each learner to take home to read. Learners practise reading the look-and-say words for homework, and ideally, the sheet should be pasted into their homework book. The methodology for teaching look-and-say words is given in the lesson plans.

For the small Group Guided Reading sessions, learners are divided into groups and each group has a turn to work with you for 15 minutes. You listen to each member of a group read from the reader and asks questions to check the reader's understanding. While one group is reading with you, the rest of the class spends time on a DBE workbook task. Thus, while you are engaged with one group, the rest of the learners are kept busy with a constructive task. The same book is used in all groups. The reading books specified for this term, for this grade, are listed in the resources list, and should be available as part of the LTSM provided.

The following are the Vula Bula Molteno readers:

Uphi uZinzi?
Sidlala ungize
Izinyo
Liphukile ifasitela

Organising groups

Do this at the beginning of the term and again as needed.

- Divide each class into groups depending on the number of learners in the class. If possible, there should be about ten or fewer learners in a group. Classes with large numbers will need to have more learners in a group and/or more groups. The lesson plans are based on five groups per class, so it will be easiest to work with this number of groups.
- Learners should be divided into ability groups. To allocate learners to a group, listen to the learners read and then place them in groups with other learners who read with a similar level of fluency and have similar skills in decoding and comprehension. Classes will have different ability groups. Some classes may have one strong group, three average groups and one weak group. Other classes may have one strong group, two average groups and two weak groups.
- Monitor the group members' reading and reallocate learners to other groups if they develop at a different pace to the other learners in the initial group.

Paired/Independent Reading

Whenever a learner has finished their work, in addition to completing a DBE worksheet for extension, they should be encouraged to read for pleasure. Ensure that there is a variety of material at different levels of difficulty for learners to read independently. These should be short, simple books with predictable text and pictures. The text should be at a level appropriate for each learner's reading ability. When reading independently, learners should sit quietly at their desks or in a quiet corner of the classroom if space allows.

The lesson plans have allocated time for Paired/Independent Reading every week. In these sessions learners will either read alone or in a pair while a small group is reading with you. Ideas for managing a Paired/Independent Reading session with the whole class are given in the lesson plans.

Handwriting

Formal handwriting lessons take place twice a week, one lesson is 30 minutes and the other is 15 minutes. These lessons take place after the Phonics lessons so that the different sounds can be reinforced. By the end of Grade 1 most learners will be able to form all lower and upper case letters correctly. They will also be able to copy sentences from the board or from sentence strips. In Grade 2 Term 1 these letters are revised and learners develop greater speed in writing. The correct spacing of letters in words and words in sentences is also revised with the learners so that writing of the phonic sounds can be reinforced. Details about how to teach handwriting are given in the lesson plans. When learners are writing they can refer to the handwriting poster and the style guide provided in the *Printable Resources*.

Writing

It is very important that learners have ample time to practise writing, as writing skills are difficult skills for many learners to grasp. In Grade 2 they need to be able to write simple poems, write at least two paragraphs on personal experiences, draft, write and publish their own story, use the writing process, correct punctuation, correct tenses, spell common words correctly and use a dictionary. The use of personal dictionaries will help learners to spell new words correctly.

Learners write any word that they don't know how to spell into these books, building up the list of words throughout the year. They can then refer to these words whenever they are completing a written activity.

The methodology for teaching the necessary skills in writing activities is given in the lesson plans.

Assessment

The programme of assessment in the lesson plans meets the requirements of Circular S1 as developed for the Home Language in the Foundation Phase by the DBE, and distributed in September 2017.

The DBE's assessment programme for isiZulu for the first term is published in the tracker. It shows that some activities are assessed using a rubric, while others are assessed using a checklist. The required rubrics and checklists are also provided in the tracker.

The lesson plans make it very clear when assessments using a rubric should take place, and what should be assessed. This information is also provided in

the *Programme of Assessment in the Lesson Plans* in the planner and tracker. Assessments using the rubric take place during Weeks 3, 4, 5, 6 and 7 in the times normally allocated to the component being assessed.

Exemplars of assessment activities are described in detail in the planner and tracker. For some activities, the whole class completes an assessment activity at the same time (such as in Writing). However, in Listening and Speaking activities, while learners must all be assessed on the same materials in the same way, they cannot all be assessed at the same time. You will need to assess about a fifth of the class in different lessons. Which group should be assessed is clearly stated in the assessment lessons. While one group is being assessed, the other learners will have an activity which they can work on independently.

No specific lessons are allocated for assessment of skills that need to be assessed using the checklist. However, lessons in which learners are working on these skills are noted in the *Programme of Assessment in the Lesson Plans* given in the tracker. You can use these lessons to assess each learner according to the checklists provided.

All assessment activities are taught in the lesson plans, and no skill is assessed that has not been taught. You should ensure that all assessment activities are completed and marks recorded as required.

An *Assessment Record Sheet* for you to copy and complete for all the learners in your class is provided in the planner and tracker that accompanies these lesson plans.

Broad Guidelines for Using the Lesson Plans

1. All the **planning** has been done for your Term 1 Home Language lessons. You must, however, complete your daily **preparation**. This means that every day you must do the following preparation tasks:
 - Mark any assessment work that the learners completed in their books that day.
 - Record the results of any assessment activities.
 - Write down any comments/informal assessment notes.
 - Read through your lesson plan for the next day so that you know how to teach the lesson. It is also often a good idea to share ideas with colleagues teaching the same lessons.

- Identify any flashcards or other resources that you will need for the next day, and prepare them.
 - Check that all your reading books and DBE workbooks are ready to be used.
2. **The lesson plans must be used in conjunction with the following resources:**
- Molteno Vula Bula graded readers (for Group Guided Reading):
Uphi uZinzi?
Sidlala ungize
Izinyo
Liphukile ifasitela.
 - Posters: *Activities with Friends (Ukwenza izinto nabangane)* and *Healthy Living, Healthy Eating (Ukuphila Impilo Enhle, Ukudla Okunempilo)*.
 - DBE workbooks (2017).
 NB: The worksheets change very little from year to year, but if you are using a different edition of the DBE workbook, you should check that the page number in your book is relevant for the activity in the lesson plan.
 - Others as reflected in the lesson plans.
3. **The content in each activity has been carefully sequenced.** It is important that no activity is skipped. Should you miss a Home Language activity for any reason, you should continue the next time this component is done from where you left off.
4. **Lesson pace:** Make sure that you cover all aspects of the lesson in the allocated time. Allow sufficient time for the learners to complete the activities. It is important to manage the pace of the activity carefully, otherwise you may not cover all that is expected in the activity.
5. In Grade 2 the learners are given **Home Language homework**. Each week they learn up to ten words covered in the Phonics lessons for a spelling test and they practise reading the look-and-say words that they have learnt in the Group Guided Reading lesson. Allocate a few minutes at the end of the relevant lessons to discuss homework. Make sure that the learners understand what they have to do.
6. **Support and extension activities:** Identify learners who need additional practice to consolidate their learning. You may need to assist these learners before or after school, or during break. Don't keep the learners for more than 10 minutes of any

break. If any learner completes a written activity ahead of the other learners be prepared to give them an enrichment activity. These are not in the lesson plan. This means that you need to think of a few yourself or get the learners to complete DBE workbook activities that have not been covered in the lesson plans or ask learners to practise reading. The DBE has produced some helpful publications, including the two noted below:

- Directorate Inclusive Education, Department of Basic Education (2011) *Guidelines for Responding to Learner Diversity in the Classroom Through Curriculum and Assessment Policy Statements*. Pretoria. www.education.gov.za, www.thutong.doe.gov.za/InclusiveEducation
 - Directorate Inclusive Education, Department of Basic Education (2010) *Guidelines for inclusive teaching and learning. Education White Paper 6. Special needs education: Building an inclusive education and training system*. Pretoria. www.education.gov.za, www.thutong.doe.gov.za/InclusiveEducation
7. As far as possible, please ensure that your learners have the following **resources** for written work:
- FOUR 17 mm lined A4 or A5 books. Label these books as follows:
 - Home Language Phonics and Handwriting (Phonics to be done in the front of the book; Handwriting to be done at the back of the book)
 - Home Language Writing
 - Assessment
 - Homework
 - Please try to use 72-page books.
 - All books must be neatly covered and labelled.
 - If you have ordered different exercise books, use these books for the writing activities.
 - A5 hardcover books or special personal dictionary books can be used as Personal Dictionaries.
8. **Lesson reflection:** Briefly jot down *what worked well* and *what did not work so well* so that you can use these daily notes to complete your weekly reflection in the tracker.



B. WEEKLY LESSON PLANS

WEEK / ISONTO 1

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	4 hours 30 minutes / amahora ama-4 30 minutes / imizuzu engama-30
--------------------------------	---

DAY / USUKU 1	
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	WELCOME AND GETTING TO KNOW THE LEARNERS UKWEMUKELA KANYE NOKUQALA UKWAZI ABAFUNDI
TIME / ISIKHATHI	60 minutes / imizuzu engama-60
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Lalela imiyalelo elula bese wenza okufanele
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Ikhadi legama ngalinye lomfundi ngamunye njengoba kuboniswe ngezansi
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Thembi Injongo yesifundo: Ukuba wazi abafundi njengoba belalela futhi bephendula imiyalelo elula - Yamukela abafundi njengoba bengena egumbini lokufundela. - Tshela abafundi ukuba bathole indawo yokuhlala. Abafundi bangazitholela bona indawo yokuhlala, noma ungababonisa ukuthi ufuna bahlale kuphi. - Uma bonke abafundi sebefikile futhi bathola indawo yokuhlala, namathisela amakhadi egama ngenhla kwedeski lomfundi ngamunye. - Yibe usuzethula. Ungasho okuthile okufana nalokhu okulandelayo: Sanibona bafana namantombazane. Igama lami ngingu-_____. Ngizoba uthisha wenu kulo nyaka. Ngijabula kakhulu ukuba nani nonke eklasini lami. Ngibheke phambili ekunifundiseni izinto eziningi ezithakazelisayo. - Chaza ukuthi ungathanda ukuzwa okuthile ngabo bonke abafundi abaseklasini lakho. - Tshela abafundi ukuthi ngamunye ngokulandelayo, bazosukuma bese betshela ikhadi igama labo nokuthi yikuphi ukudla abakuthandayo. - Tshela abafundi ukuba bame ngesikhathi bekhuluma ukuze bonke bakwazi ukubabona. - Ncoma umfundi ngamunye emva kokuba esekhulumile. Lokhu kuzosiza abafundi bazizwe bekhululekile ukuba bahlanganyele imibono yabo eklasini lakho. - Zama ukubonga abafundi ngokubabiza ngamagama, njengoba lokhu kuzokusiza ukukhumbula amagama abo. Isibonelo: Siyabonga kakhulu ngokuhlanganyela lokhu kanye nathi, Thembi. - Umfundi ngamunye kufanele athole ithuba lokukhuluma. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	LISTENING AND SPEAKING: Introducing routines UKULALELA NOKUKHULUMA: Ukwethula inqubo ezolandelwa
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Lalela ngaphandle kokuphazamisa, ubonise inhlonipho kokhulumayo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda izinqubo zaseklasini Ngaphambi kwalesi sifundo: Qiniseka ukuthi unendawo ehlelekile lapho abafundi bezobeka khona izikhwama zabo. Uma unamabhuku, yabela umfundi ngamunye ibhuku lakhe bese ulilebula ngegama lomfundi. Kungenjalo, thola ishalofu noma ubonda lapho abafundi bengabeka khona izikhwama zabo. AKUTUSWA UKUBA ABAFUNDI BABEKE IZIKHWAMA ZABO NGAPHANSI NOMA PHEZU KWEZIHLALO ZABO. Uma izikhwama zingaphansi kwesihlalo kungenzeka zikhahlelwe ngumfundi qobo lwakhe noma abafundi abahlezi eceleni kwazo, kanti ukuhlala phezu kwezikhwama akuyona indlela ekahle yokuchitha usuku uma kuzobhalwa. - Qiniseka ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi ukuthi bazosijabulela isikhathi abazosichitha beseklasini lakho uma beyiqonda indlela yokuthi izinto kufanele zenziwe kanjani. - Qala ngokuba nengxenywe yemibuzo nezimpendulo emayelana nendlela yokuziphatha oyilindele. Nasi isibonelo semibuzo ongayibuza abafundi: Yini okufanele niyenze ngesikhathi nilungela ukuza egumbini lokufundela? Ukuthula beme umugqa oqondile. Yini okufanele niyenze ngezikhwama zenu zesikole? Ukuzibeka endaweni eshiwo uthisha. (Bonisa abafundi indawo lapho kufanele babeke khona izikhwama zabo.) Ucababanga ukuthi kufanele uziphathe kanjani ngesikhathi uza kuleli gumbi lokufundela? Yiya esihlalweni sakho, hamba ngokuthula, ungashayisi izinto, ungadlali, ungathinti izinto zabanye abantu, ungamemezi, njll. Lapho usuchaze lezi zinqubo zokuziphatha ezi-3, zama ukuzenza kanye nabafundi ngendlela elandelayo: - Tshela abafundi ukuthi akekho okumele ahambe kuze kube yilapho ubatshela ukuba benze kanjalo. - Tshela abafundi ukuthi bazokwenza izinto ezi-3: - Bazoshaya uhele ngokuthula baye ngaphandle. - Bazobeka izikhwama zabo endaweni efanele. - Bazoya ezihlalweni zabo ngokuthula. - Tshela abafundi ukuthi bathathe izikhwama zabo bahambe futhi bayokuma ngaphandle. - Ngesikhathi abafundi bengaphandle, basize ukuba bame ulayini ngokuthula. - Uma abafundi sebemi ulayini ngokuthula, nikeza lo myalo: Hamba uye ngaphakathi ngokuthula, beka isikhwama sakho endaweni efanele bese uya esihlalweni sakho ufike uhlale phansi. Ngifuna ukuba wenze lokhu ngaphandle kokukhuluma, ukwenze ngokushesha ngangokunokwenzeka. - Bekela abafundi isikhathi (ngokuthi uzibalele wena isikhathi buthule), futhi uqaphe izinga nomsindo wabafundi. Uma abafundi benomsindo kakhulu, baqalise phansi. - Lapho abafundi sebehlezi, banikeze umbiko, isibonelo: 'Nithathe imizuzwana engama-45 ukwenza lokhu. Abanengi benu nenze kahle kakhulu kodwa ngiphawule ukuthi abafundi abambalwa bebhuluma. Ngakho manje nizophinda nizame ukuze sibone ukuthi ningakwazi yini ukukwenza ngokushesha okukhudlwana futhi ngaphandle kokukhuluma.' - Yenza lokhu kanye nabafundi izikhathi ezi-2 noma ezi-3 ezengeziwe, kodwa abafundi bangakwenza bengaziphethe izikhwama zabo.	

Qhubeka nengxenywe elandelayo yesifundo.

Qaphela: Kuzokusiza ngempela ukuba nendawo ongema kuyo egumbini lokufundela, bese unikeza abafundi uphawu oluthile, lapho udinga ukuba abafundi bathule bakunake futhi bakulalele.

- **Tshela abafundi uthi: – ngesikhathi ngima lapha bese ngishaya izandla zami (noma yiluphi olunye uphawu olukhethayo), ngifuna ukuthi nithule nilalele mina.**
- Yenza lokhu kanye nabafundi.

Qhubeka nengxenywe elandelayo yesifundo.

- **Kufanele niziphathe kanjani lapho ngikhuluma noma ngilalele abanye abantwana befunda?** (Thula, ulalele ngokucophelela, ungayobayobi, yenza umsebenzi okufanele wenziwe.)
- **Ungazinakekela kanjani izinto zakho?** (Beka izinto zakho zokusebenzela endaweni efanele; uma ikhrayoni noma ipensela liwa, lithathe.)
- **Kufanele niziphathe kanjani lapho nihamba emagcekeni esikole?** (hamba kahle, ungagijimi, nyenyeza noma uthule, hlala nabafundi baseklasini lakho/kulayini, ungagcolisi indawo ezungezile.)
- **Kufanele niziphathe kanjani lapho niya endlini yangasese?** (Ningadlali endlini yangasese. Yimani ulayini futhi kungene umuntu ngamunye endlini yangasese. Ningadlali ngamanzi ompompi noma nimoshe amanzi. Nigeze izandla zenu emva kokusebenzisa indlu yangasese; nihambise ukungcola ngamanzi emva kokusebenzisa indlu yangasese – uma kukhona indlu yangasese enamanzi.)
- Yenzani lezi zinqubo kanye nabafundi nsuku zonke kuze kube yilapho abafundi sebekwazi ukushaya uhele ngokuthula beze egumbini lokufundela ngokulandelana kahle. Uma usunomuzwa wokuthi abafundi bayibambile inqubo yokuza egumbini lokufundela, yenzeni cishe kanye ngesonto, wenze abafundi bayiphinde kuze kube bayenza ngokuthula inqubo.
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

DAY / USUKU 2

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING: Classroom rules UKULALELA NOKUKHULUMA: Imithetho yaseklasini
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Nikezelanani amathuba okukhuluma
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Iphosta Yemithetho Yaseklasini
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda imithetho yaseklasini <u>Ngaphambi kwalesi sifundo</u> yenza iphosta Yemithetho Yaseklasini. Le phosta ingenziwa ngezithombe kanye namagama. - Hlalisa kahle abafundi, uqiniseke ukuthi bonke bahlezi kahle futhi babheke ngaphambili kweklasi. - Bonisa abafundi iphosta 'yemithetho yaseklasini'. Bonisa abafundi isithombe ngasinye futhi ubabuze ukuthi bacabanga ukuthi uthini lo mthetho. Isibonelo: <i>Lapha kunesithombe somfana odlayo kanti kunesiphambano esikhulu eceleni kwakhe. Ucabanga ukuthi lo mthetho uthini?</i> - Yenza ukugcizelela kokukhuthaza uma kungenzeka. Isibonelo: <i>Yebo lokho kulungile. Asivunyelwe ukuba sidle eklasini.</i> - Nakhu okunye ongakufaka kwemithetho yaseklasini: - Ungadli eklasini - Ungebi - Gada izinto zakho - Ungagijimi futhi ungadlali eklasini - Ungamemezi; Phakamisa isandla sakho - Ungalwi - Ngaso sonke isikhathi khipha lonke ikhono lakho - Lalela uma othile ekhuluma - Thula uma uthisha ekhuluma - Khuluma ngenhlonipho nangomusa nabantu bonke. - Buza abafundi ukuthi ikhona yini imithetho abangayiqondi. - Phinda le mithetho uma kukhona abanye abafundi abangayiqondi. - Namathisela iphosta 'yemithetho yaseklasini' egumbini lokufundela. - Tshela abafundi ukuba babheke ishadi nsuku zonke ukuze bangayikhohlwa imithetho. - Batshela ukuthi uzobafundisa iculo. Bachazele ukuthi bazocula leli culo ngaso sonke isikhathi uma ubacela ukuthi bahambe eklasini. Isibonelo: ngesikhathi kudingeka ukuba beze kukhaphethi noma ngesikhathi beya noma bebuya ekhefini. (Yiyo le ndlela esihamba ngayo, esihamba ngayo, esihamba ngayo Yiyo le ndlela esihamba ngayo, egumbini lethu lokufundela) - Qala ngokuculela abafundi iculo. - Cula umugqa ngamunye weculo bese uvumela abafundi ukuba baliphinde emva kwakho. - Phinda ucule lonke iculo bese uvumela abafundi ukuba baliphinde emva kwakho. - Cela abafundi ukuba basukume ngokuthula bese beza kukhaphethi ngokulandelana. - Abafundi kufanele bonke bacule iculo ngesikhathi behamba beza kukhaphethi. - Ncoma abafundi ngemizamo yabo. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING AND PAIRED/INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI/ NGOKUZIMELA				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimisela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo - Funda ngokuzimela				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – incwadi yeBanga loku-1 Ithemu 4 noma efana nayo - Ukufunda ngababili/ngokuzimela – incwadi yomfundi ngamunye noma yeklassi noma incwadi yezindaba zase-Afrika				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Ukwehlukanisa abafundi ngokwamaqembu ekhono lokufunda <u>Ngaphambi kwalesi sifundo:</u> Khetha incwadi ucele bonke abafundi eklassini ukuba bayifunde ukuze ubehlukanise amaqembu ngokwamakhono abo. Khetha izincwadi abafundi abangakwazi ukuzifunda ngokuzimela noma ngababili. Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela: abafundi bonke - Nquma ukuthi abafundi bazofunda ngamunye, noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili uma bezofunda ngababili. - Banikeze izincwadi (noma yiziphi izincwadi abafundi abangakwazi ukuzifunda). - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela, futhi baxoxe ngesithombe nangendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Lalela abafundi befunda ngamunye ukuze ukwazi ukwehlukanisa abafundi amaqembu ngokwamakhono abo - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi ngalinye encwadini efundwayo. - Buza umfundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo emayelana nendaba efundiwe. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. Uzodinga ukwabela abafundi eqenjini ngokuthi ubafake emaqenjini anabafundi abanamakhono asezingeni elifana nelabo lokugeleza kanye namakhono afanayo okuchaza kanye nokuqonda. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda izincwadi ezinkulu noma imibhalo ekhulusiwe nabafundi bonke - Sebenzisa izinto ezibonakalayo isib. izithombe nekhava yencwadi ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani - Beka umbono ngokufundiwe
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Noma iyiphi incwadi (ekhethwe uthisha)
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukwehlukanisa abafundi ngokwamaqembu ekhono lokufunda <u>Ngaphambi kwalesi sifundo:</u> Khetha incwadi emfushane ozoyifundela abafundi. - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele bonke bakwazi ukubona incwadi. - Cela abafundi ukuba babheke ikhava yencwadi. Batshela ukuthi bangafunda okuningi ngencwadi ngokumane babheke ikhava. Batshela ukuthi imibuzo ozobabuza yona kanye nezimpendulo zabo kuzobabonisa lokhu. - Bacele ukuba baqagela ukuthi incwadi imayelana nani ngokubabuza imibuzo enjengokuthi: Yini oyibona kwikhava? Ubani ombonayo? Yini eyenzekayo? Ucabanga ukuthi incwadi imayelana nani? Ungalibona yini igama lombhali wayo? - Fundela abafundi indaba ngezwi elicacile, nelizwakala kahle. - Shintsha izwi lakho ukuze lihambelane nendaba, futhi ufunde izingxenye ezikhulunywa ngabantu abehlukene ngezwi nangomuzwa ofanele. - Uma indaba isiphelile buza: Ngabe uyijabulele indaba? Kungani? Kungani kungenjalo? Le ndaba ikwenze wazizwa kanjani? (wajibula/wadumala/wesaba njll.) - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

DAY / USUKU 3													
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Revision IMISINDO: Ukubuyekeza												
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15												
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Buyekeza imisindo efundwe eBangeni loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili												
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla												
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI													
Injongo yesifundo: Ukubuyekeza imisindo yamagama eBanga loku-1 - Cela abafundi ukuba: - babhale usuku ezincwadini zabo zemisindo nezokubhala ngesandla. - bagoqe ikhasi libe wuhhafu, bese bebhala izinombolo 1-5 eduze komugqa, no 6-10 zehle phakathi nendawo nekhasi. - Biza inombolo 1 bese ubiza igama lokuqala lesibizelo. Abafundi kufanele babhale ngobunono igama eduze kwenombolo 1. - Uma bengakwazi ukubhala igama lelo mababhale udwi eduze kwenombolo. - Ekugcineni kwesivivinyo, tshela abafundi ukuthi bazozimakela bona ezincwadini zabo. - Bhala igama lokuqala ebhodini. - Tshela abafundi babeke uphawu egameni abalibhale kahle, noma isiphambano uma bengalibhalanga kahle. Uma igama lingabhalaliwe kahle kufanele balibhale kahle. - Qhubeka ngendlela efanayo kuwo wonke amagama. - Uma abafundi sebeqedile ukumaka, thatha izincwadi zabafundi zokubhala bese uqaphela labo bafundi abangabhalanga kahle amagama angaphezu kukahhafu ukuze ubelekelele. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.													
<table border="1"> <thead> <tr> <th>Isivivinyo sesibizelo</th><th>Usuku</th></tr> </thead> <tbody> <tr> <td>1. amafu</td><td>6. ulamula</td></tr> <tr> <td>2. ubafo</td><td>7. umama</td></tr> <tr> <td>3. isifuba</td><td>8. ufudu</td></tr> <tr> <td>4. funa</td><td>9. ugogo</td></tr> <tr> <td>5. ubisi</td><td>10. ufuna</td></tr> </tbody> </table>		Isivivinyo sesibizelo	Usuku	1. amafu	6. ulamula	2. ubafo	7. umama	3. isifuba	8. ufudu	4. funa	9. ugogo	5. ubisi	10. ufuna
Isivivinyo sesibizelo	Usuku												
1. amafu	6. ulamula												
2. ubafo	7. umama												
3. isifuba	8. ufudu												
4. funa	9. ugogo												
5. ubisi	10. ufuna												

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – incwadi yeBanga loku-1 Ithemu 4 noma efana nayo - Izincwadi ze-DBE ikhasi 5				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Ukwehlukanisa abafundi ngokwamaqembu ekhono lokufunda <u>Ngaphambi kwalesi sifundo:</u> Khetha incwadi ucele bonke abafundi ekhasini ukuba bayifunde ukuze ubehlukanise amaqembu ngokwamakhono abo. Sebenzisa incwadi efanayo noyisebenzise esifundweni esedlule. Abafundi kufanele bonke bafunde incwadi efanayo ukuze behlukaniswe amaqembu ngokwamakhono abo. Abafundi bonke - Cela abafundi ukuba bavule ekhasini lesi-5 ezincwadini ze-DBE futhi bagcwalise izinsuku ezingekho bese bedweba izithombe zalokho abazokwenza esikoleni. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Lalela abafundi befunda ngamunye ukuze ukwazi ukwehlukanisa abafundi amaqembu ngokwamakhono abo - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi ngalinye encwadini efundwayo. - Buza umfundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo emayelana nendaba efundiwe. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. Uzodinga ukwabela abafundi eqenjini ngokuthi ubafake emaqenjini anabafundi abanamakhono asezingeni elifana nelabo lokugeleza, kanye namakhono afanayo okuchaza kanye nokuqonda. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED/INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI/ NGOKUZIMELA				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimisela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo - Funda ngokuzimela				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – incwadi yeBanga loku-1 Ithemu 4 noma efanayo - Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela – incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi Yokufunda Ngokuhlanganyela noma incwadi yezindaba zase-Afrika				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Ukwehlukanisa abafundi ngokwamaqembu ekhono lokufunda <u>Ngaphambi kwalesi sifundo:</u> Khetha incwadi ucele bonke abafundi eklasini ukuba bayifunde ukuze ubehlukanise amaqembu ngokwamakhono abo. Sebenzisa incwadi efanayo noyisebenzise esifundweni esedlule. Abafundi kufanele bonke bafunde incwadi efanayo ukuze behlukaniswe amaqembu ngokwamakhono abo. Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela: abafundi bonke - Nquma ukuthi abafundi bazofunda ngamunye, noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili uma bezofunda ngababili. - Banikeze izincwadi (noma yiziphi izincwadi abafundi abangakwazi ukuzifunda). - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela, futhi baxoxe ngesithombe nangendaba. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Lalela abafundi befunda ngamunye ukuze ukwazi ukwehlukanisa abafundi amaqembu ngokwamakhono abo - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi ngalinye encwadini efundwayo. - Buza umfundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo emayelana nendaba efundiwe. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. Uzodinga ukwabela abafundi eqenjini ngokuthi ubafake emaqenjini anabafundi abanamakhono asezingeni elifana nelabo lokugeleza kanye namakhono afanayo okuchaza kanye nokuqonda. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

WEEK / ISONTO 2

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	7 hours / amahora ayisi-7
---------------------------------------	---------------------------

GROUP GUIDED READING FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU ALAWULWAYO KWESONTO

FLASHCARDS / AMAFLESHI-KHADI	• nginguZinzi, Bengiyofuna, amanzi, kuyashisa, izisebenzi, ukuphuza, zisebenzi
BOOK / INCWADI	• Uphi UZinzi? amakhasi 2-4

GROUP GUIDED READING: ORAL COMPREHENSION QUESTIONS FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO: IMIBUZO YESIFUNDO SOKUQONDISISA EPHENDULWA NGOMLOMO NGESONTO

- Kade ewafunela bani amanzi uZinzi? (izisebenzi)
- Sasinjani isimo sezulu ngalelo langa? Usho ngani? (Lalibalele/Lalishisa. Ngibona ilanga.)
- Uma efika okokuqala emanzini uZinzi, wahlangana nasiphi isilwane? (nesele)
- Bheka kahle isithombe ekhasini lesi-3. Yiziphi izilwane ezimbili ozibonayo? (izimvu, izinkukhu)
- Yisiphi isizathu esenze ukuthi uZinzi ayofuna amanzi? (ukushisa kwelanga/izisebenzi bezomile)

DAY / USUKU 1

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING UKULALELA NOKUKHULUMA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes: 5 minutes morning oral work; 25 minutes activity / imizuzu engama-30: 5 imizuzu yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; 25 imizuzu: umsebenzi Emsebenzini wokukhuluma, abafundi bakhuluma ngosuku, isimo sezulu nangezehlakalo ezikhethekile, baxoxe izindaba, balalele ngaphandle kokuphazamisa, bacule amaculo futhi bawanyakazele. Ngokubonisa futhi uxoxe, ungacela abafundi abambalwa ukuba beze nento ekhaya abazotshela ikhosi ngayo.
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Khuluma ngezehlakalo zempilo yakho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukukhuluma ngamaholide abo

- Hlalisa kahle abafundi. Amadeski abo kufanele angabi nalutho.
- Tshela abafundi ukuthi ngamunye wabo uzothola ithuba lokuxoxela ikhosi ngalokho akwenze ngamaholide. Badinga ukukhuluma umzuzu o-1 noma emi-2 kuphela. Kufanele kube kufushane. Ukwaziswa kufanele kulandelane kahle – kuqale ngalokho abaqale bakwenza.
- Tshela abafundi ukuthi uwena ozoqala. Kafushane tshela ikhosi ngalokho okwenze ngamaholide. Qiniseka ukuthi ukuxoxa ngokulandelana kwezigameko.
- Cela abafundi ukuba bavale amehlo abo bese becabanga ngalokho abazokusho.
- Cela abafundi ngamunye ukuba kafushane axoxele ikhosi ngalokho akwenze ngamaholide.
- Nikeza ithuba abafundi abaningi ngangokunokwenzeka. Abafundi abangaxoxanga bazothola ithuba esifundweni esilandelayo okuyoba yimizuzu eyi-15 kuphela.
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	PHONICS: Revision IMISINDO: Ukubuyekeza																		
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30																		
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Buyekeza imisindo efundwe eBangeni loku-1 enhlamvunye enhlamvumbili																		
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla																		
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI																			
Injongo yesifundo: Ukubuyekeza imisindo yamagama eBanga loku-1 - Cela abafundi ukuba: - babhale usuku ezincwadini zabo zemisindo nezokubhala ngesandla. - bagoqe ikhasi libe wuhhafu, bese bebhala izinombolo 1-8 eduze komugqa, no 9-15 zehle phakathi nendawo nekhasi. - Biza inombolo 1 bese ubiza igama lokuqala lesibizelo. - Abafundi kufanele babhale ngobunono igama eduze kwenombolo 1. - Uma bengakwazi ukubhala igama lelo mababhale udwi eduze kwenombolo. - Ekugcineni kwesivivinyo, tshela abafundi ukuthi bazozimakela bona ezincwadini zabo. - Bhala igama lokuqala ebhodini. - Tshela abafundi babeke uphawu egameni abalibhale kahle, noma isiphambano uma bengalibhalanga kahle. - Uma igama lingabhalaliwe kahle kufanele balibhale kahle. - Qhubeka ngendlela efanayo kuwo wonke amagama. - Uma abafundi sebeqedile ukumaka, thatha izincwadi zabafundi zokubhala bese uqaphela labo bafundi abangabhalanga kahle amagama angaphezu kukahhafu ukuze ubelekelele. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.																			
<table border="1"> <thead> <tr> <th>Isivivinyo sesibizelo</th><th>Usuku</th></tr> </thead> <tbody> <tr> <td>1. ijuba</td><td>9. woza</td></tr> <tr> <td>2. uhele</td><td>10. saba</td></tr> <tr> <td>3. ogobile</td><td>11. dedela</td></tr> <tr> <td>4. edamini</td><td>12. totoba</td></tr> <tr> <td>5. toboza</td><td>13. - irandi</td></tr> <tr> <td>6. phela</td><td>14. ubesekhaya</td></tr> <tr> <td>7. omusha</td><td>15. uthayi</td></tr> <tr> <td>8. amasokisi</td><td></td></tr> </tbody> </table>		Isivivinyo sesibizelo	Usuku	1. ijuba	9. woza	2. uhele	10. saba	3. ogobile	11. dedela	4. edamini	12. totoba	5. toboza	13. - irandi	6. phela	14. ubesekhaya	7. omusha	15. uthayi	8. amasokisi	
Isivivinyo sesibizelo	Usuku																		
1. ijuba	9. woza																		
2. uhele	10. saba																		
3. ogobile	11. dedela																		
4. edamini	12. totoba																		
5. toboza	13. - irandi																		
6. phela	14. ubesekhaya																		
7. omusha	15. uthayi																		
8. amasokisi																			

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bamba ipensela ubeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele - Bhala osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane (izinhlamvu ze-alfabethi ezingama-26) ngendlela efanele
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubuyekeza izinhlamvu ezincane - Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi baqaphelisise lapho ubhala amagama (anikezwe ngezansi) ebhodini. - Khumbuza abafundi ngendlela yokwenza izinhlamvu ezincane ngalunye. - Khumbuza abafundi lapho kufanele baqale khona ohlamvini ngalunye nalapho kufanele baqhubekele khona. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa, isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu; ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, ukungabhalali emgqeni. - Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha futhi uhlale lokho abakwenzile, ubasize lapho kudingeka khona. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabuka ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, esemadeskini abo kanye nasebhodini. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Izinhlamvu	a, b, c, d, e, f, g, h, i, j, k, l, m

DAY / USUKU 2

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Uphi UZinzi?</i> amakhasi 2–4 - Amafleshi-khadi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho – nginguZinzi, Bengiyofuna, amanzi, kuyashisa, izisebenzi, ukuphuza, zisebenzi				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Ukulalela indaba kanye nokwazi ukufunda amagama owafunda ngokuwabuka					
Ukulungiselela Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: abafundi bonke - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Fundela abafundi indaba yonke. - Phakamisa ifleshi-khadi ngalinye bese usho igama kabili ngokucacile, abafundi bekubhekile futhi bekulalele. - Uma kunesidingo, chazela abafundi ukuthi igama lisho ukuthini ngokwenza umnyakazo, nokubakhombisa leyo nto noma isithombe sayo. - Cela abafundi bonke bafunde igama, bese ucela iqembu ngalinye kanye nomfundi ngamunye. - Yethula igama elilandelayo ngendlela efanayo. - Yibe usuphakamisa amagama omabili, ucele abafundi ukuthi bafunde amagama. - Qhubeka ngendlela efanayo kuze kube yilapho onke amagama alesi sifundo esefundiwe. - Tshela abafundi ukuba bakhiphe Amaphepha Okufunda noma bavule Izincwadi Zomsebenzi Wasekhaya Emaphepheni abo Okufunda. - Abafundi kufanele basebenzise <u>umbala owodwa</u> ukubeka uphawu emagameni abawafundile. - Ngomsebenzi wasekhaya, kufanele bazilolonge ngokufundela abanye ngokuphimsela ekhaya noma emiphakathini yabo. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	Fundela othile ekhaya noma emiphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.				

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING AND PAIRED/INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI/ NGOKUZIMELA				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimisela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo - Funda ngokuzimela				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Uphi UZinzi?</i> amakhasi 2–4 - Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela – incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi Yokufunda Ngokuhlanganyela noma incwadi Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke benza ukufunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela: abafundi bonke - Hlela abafundi ubahlelele ukufunda ngababili noma ngokuzimela: - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela, futhi baxoxe ngesithombe nangendaba. Kufanele benze lokhu ngokungabangi umsindo. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 1 no-2 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuzo ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda incwadi neklasi lonke nothisha (ukufunda ngokuhlanganyela) bese uchaza ingqikithi yendaba - Sebenzisa izinto ezibonakalayo njengekhava yencwadi ukuqagela ukuthi incwadi imayelana nani - Phendula imibuzo esezingeni eliphezulu emayelana nendaba efundiwe - Beka umbono ngokufundiwe				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE ikhasi 2, 3				

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukulalela indaba bese uphendula imibuzo esezingeni eliphezulu emayelana nendaba efundiwe • Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunake futhi bakulalele. • Tshela abafundi ukuba bavule amakhasi 2, 3 ezincwadini zabo ze-DBE. • Abafundi mabaqagele ukuthi indaba imayelana nani ngokubuka izithombe. • Bekela abafundi isibonelo ngokufunda ngokucacile nangokuphimisela kahle umbhalo ofundwayo, ngesikhathi abafundi belandela ezincwadini zabo. • Uma ufika emagameni angejwayelekile, yisho imisindo yawo kubafundi, uphinde ufunde amagama. • Phinda ufunde umusho wokuqala bese uchazela abafundi ukuthi lo umusho. Lo musho unamagama amathathu futhi usitshela ukuthi abafundi bajabulile ngokubuyela esikoleni. Siyawuqonda lo musho – wenza umqondo. Khomba usonhlamvukazi osequcaleni komusho kanye nongqi osekugcineni. • Funda umusho wokugcina – umbuzo. Khomba uphawu lombuzo bese utshela abafundi ukuthi uma sibuzwa umbuzo lapho sibhala sifaka uphawu lombuzo ekugcineni kombuzo esikhundleni sikangqi. • Phinda ufunde indaba ngokuphimisela, manje yenza abafundi ukuba bafunde kanye nawe. • Buza imibuzo elandelayo: Yini uThabo ayenzile ngamaholide? (uye olwandle) Ngabe ucabanga ukuthi amaholide akho abe made? Kungani? Kungani kungenjalo? Ucabanga ukuthi kungani uJabu engabanga naye angadlala naye? Ngabe uyijabulele indaba? Kungani? Kungani kungenjalo? • Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. • Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	• Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka

DAY / USUKU 3

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Revision IMISINDO: Ukubuyekeza
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Buyekeza imisindo efundwe eBangeni loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukubuyekeza imisindo yamagama eBanga loku-1

- Cela abafundi ukuba:
 - babhale usuku ezincwadini zabo zemisindo nezokubhala ngesandla.
 - bagoqe ikhasi libe wuhhafu, bese bebhala izinombolo 1-8 eduze komugqa, no 9-15 zehle phakathi nendawo nekhasi.
- Biza inombolo 1 bese ubiza igama lokuqala lesibizelo.
- Abafundi kufanele babhale ngobunono igama eduze kwenombolo 1.
- Uma bengakwazi ukubhala igama lelo mababhale udwi eduze kwenombolo.
- Ekugcineni kwesivivinyo, tshela abafundi ukuthi bazozimakela bona ezincwadini zabo.
- Bhala igama lokuqala ebhodini.
- Tshela abafundi babeke uphawu egameni abalibhale kahle, noma isiphambano uma bengalibhalanga kahle. Uma igama lingabhalaliwe kahle kufanele balibhale kahle.
- Qhubeka ngendlela efanayo kuwo wonke amagama.
- Uma abafundi sebeqedile ukumaka, thatha izincwadi zabo zokubhala bese uqaphela labo bafundi abangabhalanga kahle amagama angaphezu kukahhafu ukuze ubelekelele.
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

Isivivinyo sesibizelo	Usuku
1. uthengisa	9. xhifa
2. iklabishi	10. qhola
3. ihlathi	11. thela
4. badlile	12. qha
5. ihhotela	13. hhawu
6. klikliza	14. isidlo
7. ihhovisi	15. qhakaza
8. khipha	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bamba ipensela ubeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele - Bhala osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane (izinhlamvu ze-alfabethi ezingama-26) ngendlela efanele
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubuyekeza izinhlamvu ezincane - Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi baqaphelisise lapho ubhala amagama (anikezwe ngezansi) ebhodini. - Khumbuza abafundi ngendlela yokwenza izinhlamvu ezincane ngalunye. - Khumbuza abafundi lapho kufanele baqale khona ohlamvini ngalunye nalapho kufanele baqhubekele khona. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa, isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu; ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, ukungabhalwa emgqeni. - Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha futhi uhlole lokho abakwenzile, ubasize lapho kudingeka khona. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabuka ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, esemadeskini abo kanye nasebhodini. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Izinhlamvu	n, o, p, q, r, s, t

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED/INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI/ NGOKUZIMELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimisela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo. - Funda ngokuzimela
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Uphi UZinzi?</i> amakhasi 2–4 - Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela – incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi Yokufunda Ngokuhlanganyela noma incwadi Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela					
Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela: abafundi bonke Hlela abafundi ubahlelele ukufunda ngababili noma ngokuzimela:					
• Banikeze izincwadi. • Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela, futhi baxoxe ngesithombe nangendaba. Kufanele benze lokhu ngokungabangi umsindo. • Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela.					
Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 3 no-4					
• Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. • Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo. • Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. • Hlola abafundi bese wenza amanothi. • Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. • Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	• Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka				

ACTIVITY 4 UMSEBENZI 4	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Humusha izithombe kanye nokunye kwemithombo yabezindaba. Isib. isithombe noma isikhangiso, ukuze wakhe indaba yakho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Isithombe sokuthile abafundi abangaxoxa ngakho indaba
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukuxoxa indaba usebenzisa isithombe Ngaphambi kwalesi sifundo, thola isithombe abafundi abangaxoxa ngaso baphinde benze indaba ngaso. Yenzela abafundi amakhophi. - Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunake futhi bakulalele. - Nikeza umfundi ngamunye noma ngababili ikhophi yesithombe. - Cela abafundi bakutshela lokho abakubona esithombeni. Cela abafundi abambalwa ukuze baphawule. - Cela abafundi bazenzele eyabo indaba emayelana nalokho abacabanga ukuthi kuboniswa yisithombe. - Cela abafundi ukuba baxoxelane omunye nomunye indaba yabo. - Cela abafundi abambalwa ukuthi baxoxele ikhosi lonke indaba yabo, khetha abafundi abehlukile ngamasonto ehlukene. Kunezifundo ezimbili lapho abafundi bexoxa khona indaba yabo – zama ukunika abafundi abaningi ngangokunokwenzeka ithuba lokuxoxa izindaba zabo kulezi zifundo ezimbili. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

DAY / USUKU 4	
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING UKULALELA NOKUKHULUMA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes: 5 minutes morning oral work; 10 minutes activity / imizuzu eyi-15: 5 imizuzu yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; imizuzu eyi-10: umsebenzi Emsebenzini wokukhuluma, abafundi bakhuluma ngosuku, isimo sezulu nangezehlakalo ezikhethekile, baxoxe izindaba, balalele ngaphandle kokuphazamisa, bacule amaculo futhi bawanyakazele. Ngokubonisa futhi uxoxe, ungacela abafundi abambalwa ukuba beze nento ekhaya abazotshela ikhosi ngayo.
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Khuluma ngezehlakalo zempilo yakho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukukhuluma ngeholide labo - Hlalisa kahle abafundi. Amadeski abo kufanele angabi nalutho. - Tshela abafundi ukuthi labo kubona abangazange bathole ithuba lokuxoxela ikhosi ngalokho abakwenze ngamaholide bazokhuluma namuhla. Bakhumbuze ukuthi badinga ukukhuluma umzuzu o-1 noma emi-2 kuphela. Kufanele kube kufushane. - Cela abafundi ngamunye abangazange bathole ithuba lokukhuluma ukuba baxoxele ikhosi kafushane ngalokho abakwenze ngamaholide. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Bhala uhla lwezinto eziyimisebenzi yosuku usebenzise ukhefana ukuzehlukanisa
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi zokubhala, amapensela
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukudweba kanye nokubhala ngeholide labo - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele bonke bakwazi ukukubona. Kufanele babe nezincwadi zabo zokubhala kanye namapensela emadeskini abo. - Tshela abafundi ukuthi uma sibhala uhlu lwezinto, isib. izithelo, sibhala ukhefana ukuzehlukanisa izinto. Kafushane, phinda usebenzise imisho emi-3 ukutshela abafundi ngeholide lakho. Dweba masinyane isithombe esibonisa iholide lakho bese ubhala imisho emi-3 osanda kuyitshela abafundi. Funda imisho bese ukhomba osonhlamvukazi kanye nongqi, ukhumbuze abafundi ukuthi sisebenzisa usonhlamvukazi ekuqaleni komusho kanye nongqi ekugcineni komusho. - Bhala amagama alandelayo ebhodini: i-apula ipheya ubhanana iwolintshi uphopho. - Funda uhla kanye nabafundi. - Batshele ukuthi uzobhala ukhefana ukwehlukanisa izinto. Bhala i-apula, ipheya, ubhanana, iwolintshi, uphopho. Batshele ukuthi asikho isikhala phakathi kokuphela kwegama kanye nokhefana kodwa kunesikhala phakathi kokhefana kanye nokuqala kwegama elilandelayo. - Bhala amagama alandelayo ebhodini: utamatisi izambane ubhontshisi ikhabishi ithanga. - Tshela abafundi ukuba bakopishele ezincwadini zabo uhla bese bebhala okhefana lapho kufanele babhalwe khona. - Ngesikhathi abafundi besematasatasa, hamba uzungeza phakathi kwabo futhi unikeze usizo lapho kudingeka khona. - Bhala okhefana ebhodini: utamatisi, izambane, ubhontshisi, ikhabishi, ithanga. - Abafundi mabamake umsebenzi wabo bese belungisa amaphutha noma yimaphi. - Landela inqubo efanayo kulokhu: incwadi amapensela amarabha amapeni; umfana intombazane umama ubaba umfowethu udadewethu;inja ikati inyoni inkawu ibhubesi ufudu unogwaja. - Thatha izincwadi uzimake. - Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	Abafundi bazofundela abanye amagama ekhaya noma emphakathini.

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED/INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI/ NGOKUZIMELA										
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30										
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimisela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo. - Funda ngokuzimela										
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Uphi UZinzi?</i> amakhasi 2–4 - Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela – incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi Yokufunda Ngokuhlanganyela noma incwadi Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika										
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI											
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamnye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela: abafundi bonke Nquma ukuthi abafundi bazofunda ngamunye, noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili uma bezofunda ngababili. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela, futhi baxoxe ngesithombe nangendaba. Kufanele benze lokhu ngokungabangi umsindo. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 5 no-1 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani. <table><tr><td>Abafundi bonke</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr></table>						Abafundi bonke	1	2	3	4	5
Abafundi bonke	1	2	3	4	5						
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.										

DAY / USUKU 5	
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Revision IMISINDO: Ukubuyekeza
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Buyekeza imisindo efundwe eBangeni loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubuyekeza imisindo yamagama eBanga loku-1	
- Cela abafundi ukuba: - babhale usuku ezincwadini zabo zemisindo nezokubhala ngesandla. - bagoqe ikhasi libe wuhhafu, bese bebhala izinombolo 1-5 eduze komugqa, no 6-10 zehle phakathi nendawo nekhasi. - Biza inombolo 1 bese ubiza igama lokuqala lesibizelo. Abafundi kufanele babhale ngobunono igama eduze kwenombolo 1. - Uma bengakwazi ukubhala igama lelo mababhale udwi eduze kwenombolo. - Ekugcineni kwesivivinyo, tshela abafundi ukuthi bazozimakela bona ezincwadini zabo. - Bhala igama lokuqala ebhodini. - Tshela abafundi babeke uphawu egameni abalibhale kahle, noma isiphambano uma bengalibhalanga kahle. Uma igama lingabhalawe kahle kufanele balibhale kahle. - Qhubeka ngendlela efanayo kuwo wonke amagama. - Uma abafundi sebeqedile ukumaka, thatha izincwadi zabafundi zokubhala bese uqaphela labo bafundi abangabhalanga kahle amagama angaphezu kukahhafu ukuze ubelekelele. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Isivivinyo sesibizelo	Usuku
1. klebhula	6. iholo
2. isihlahla	7. iqhezu
3. isidlo	8. isixhobo
4. hheyi	9. isihlobo
5. ukudla	10. umklamo

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Uphi UZinzi?</i> amakhasi 2–4 - Incwadi ye-DBE ikhasi 3				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda imisho bese bebhala izinhlamvu Abafundi bonke - Cela abafundi ukuba bavule ekhasini lesi-3 ezincwadini ze-DBE. Kufanele bafunde imisho futhi bafake uphawu ku-yebo noma u-x osho ukuthi cha bese bebhala izinhlamvu ezisezansi kwekhasi. - Maka umsebenzi uma usuphelile. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 2 no-3 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Bhala uhla lwezinto usebenzise ukhefana ukuzehlukanisa
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi zokubhala, amapensela
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala uhla lwezinto usebenzise ukhefana - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele bonke bakwazi ukukubona. Kufanele babe nezincwadi zabo zokubhala kanye namapensela emadeskini abo. - Tshela abafundi ukuthi uma sibhala uhla lwezinto; isib. izithelo sibhala ukhefana ukwehlukanisa izinto. Bhala ukhefana ebhodini bese ukhumbuza abafundi ukuthi lokhu kubizwa ngokuthi ukhefana. - Bhala amagama alandelayo ebhodini: i-apula ipheya ubhanana iwolintshi uphopho. - Funda uhla kanye nabafundi. - Batshela ukuthi uzobhala ukhefana ukwehlukanisa izinto. Bhala i-apula, ipheya, ubhanana, iwolintshi, uphopho. Batshela ukuthi asikho isikhala phakathi kokuphela kwegama kanye nokhefana kodwa kunesikhala phakathi kokhefana kanye nokuqala kwegama elilandelayo. - Bhala amagama alandelayo ebhodini: utamatisi izambane ubhontshisi ikhabishi ithanga. - Tshela abafundi ukuba bakopishele ezincwadini zabo uhla bese bebhala okhefana lapho kufanele babhalwe khona. - Ngesikhathi abafundi besematasatasa hamba uzungeza phakathi kwabo futhi unikeze usizo lapho kudingeka khona. - Bhala okhefana ebhodini: utamatisi, izambane, ubhontshisi, ikhabishi, ithanga. - Abafundi mabamake umsebenzi wabo bese belungisa amaphutha noma yimaphi. - Landela inqubo efanayo kulokhu: incwadi amapensela amarabha amapeni; umfana intombazane umama ubaba umfowethu udadewethu;inja ikati inyoni inkawu ibhubesi ufudu unogwaja. - Thatha izincwadi uzimake. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

WEEK / ISONTO 3

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	7 hours / amahora ayisi-7
---	---------------------------

GROUP GUIDED READING FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU ALAWULWAYO KWESONTO

FLASHCARDS / AMAFLESHI-KHADI	• kanzima, uphi, uZinzi, namanzi, Bekushisa, umsebenzi, onzima
BOOK / INCWADI	• Uphi UZinzi? amakhasi 5–8

GROUP GUIDED READING: ORAL COMPREHENSION QUESTIONS FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO: IMIBUZO YESIFUNDO SOKUQONDISISA EPHENDULWA NGOMLOMO NGESONTO

- Zazifunani izisebenzi? (amanzi)
- Yini ayeyibeke eduze kwakhe uZinzi ngesikhathi elele phansi kwesihlahla? (ibhakede lamanzi)
- Izisebenzi zazomile futhi zizizwa kanjani? (zazikhathele)
- Bukisisa isithombe esisekhasini lesi-7. Bese usho ukuthi abantu benzani. (omunye uphuza amanzi omunye ushayela indlu)
- Wabalisa ngani uZinzi esefika namanzi? (wabalisa ngokuthi bekushisa)

DAY / USUKU 1

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING and SPEAKING ASSESSMENT GROUP 1 UKULALELA NOKUKHULUMA UKUHLOLA IQEMBU 1 Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes: 5 minutes morning oral work; 25 minutes: activity / imizuzu engama-30: 5 imizuzu yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; imizuzu engama-25: umsebenzi

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	PHONICS: Introduce the sound <i>nd</i> IMISINDO: Yethula umsindo <i>nd</i>
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Buyekeza imisindo efundwe eBangeni loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili - Ngale themu kulindeleke ukuba abafundi bafunde imisindo elandelayo: nc, nd, ng, nj, nk, nq, nt, nx, ns, ny, nz - Zifundise ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni - Zifundise ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe - Zifundise ukuhlukanisa amagama ngezinhlamvu nangemisindo eziyakhile isib. i-nce-nce/i-n-c-e-n-c-e - Zifundise ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo - Buyekeza imisindo enhlamvumbili efundiwe - Zifundise ukubona umsindo wokuqala egameni isib. <u>n</u>coma
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ifleshi-khadi yomsindo: nd - Imisindo yamagama: Ndabezitha, iyandiza, induku, indoda, indibilishi, indingilizi, indali, indandatho, indololwane, indunduma - Incwadi yomsebenzi wasekhaya

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo *nd* kanye nokubhala amagama anomisindo *nd*

- Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi akho, yenza ikhophi yohlu lwamagama esibizelo ozolunikeza umfundi ngamunye, bese ubhala amagama esibizelo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: **Amagama esibizelo anomisindo nd.**
- Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele.
- Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi basho emva kwakho.
- Khombisa abafundi ifleshi-khadi uphinde izikhathi ezimbalwa.
- Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo okufleshi-khadi.
- Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo bese ucela basho igama layo.
- Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomisindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo.
- Dwebela umsindo emagameni esibizelo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye, wehlukanise ngemisindo nangamalunga.

Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya bese bekopisha amagama esibizelo asebhodini noma banamathisele amaphepha anala magama. Batshele ukuthi kufanele bafunde indlela yokupela lawa magama emsebenzini wasekhaya.

- Chaza indlela yokufunda ukupela amagama enikezwe Eziqondisweni zezinhlelo Zesifundo engxenyeni yesethulo. Yilezi:
 - Buka** igama isb. umama
 - Biza** igama isb. U-ma-ma
 - Vala** igama ngesandla esisodwa
 - Bhala** igama isb. umama
 - Hlola** igama abalibhalile ukuze ubone ukuthi balipele kahle yini
 - Uma lingalungile phinda futhi **uqale inqubo** kuze kube yilapho belibhala kahle igama
 - Sebenzisa le nqubo lapho ufunda onke amagama
- Cabanga bese ubhala usho lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bamba ipensela ubeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele - Bhala osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane (izinhlamvu ze-alfabethi ezingama-26) ngendlela efanele
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukukopisha izinhlamvu ezincane kanye nosonhlamvukazi - Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi baqaphelisise lapho ubhala amagama (anikezwe ngezansi) ebhodini. - Khombisa abafundi ukuthi ezinye izinhlamvu zibhalwe ngohlamvu oluncane; ezinye izinhlamvu zingosonhlamvukazi. Buza ukuthi ubani ongasho ukuthi kunini lapho sisebenzisa khona osonhlamvukazi. Qinisekisa ukuthi sibasebenzisa ekuqaleni komusho, kanye nasemagameni abantu nawezindawo. - Khumbuza abafundi indlela yokwenza uhlamvu oluncane ngamunye kanye nosonhlamvukazi. - Khumbuza abafundi lapho kufanele baqale khona ohlamvini ngalunye nalapho kufanele baqhubekele khona. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa, isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu; ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, ukungabhali emgqeni. - Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha futhi uhlole lokho abakwenzile, ubasize lapho kudingeka khona. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabuka ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, esemadeskini abo kanye nasebhodini. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Izinhlamvu	u, v, w, x, y, z, A, B, C, D, E, F, G
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	Funda amagama afundwayo.

DAY / USUKU 2						
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1		GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI		30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO		- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka nokuzakhela, umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA		- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Uphi UZinzi?</i> amakhasi 5–8 - Amafleshi-khadi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho – kanzima, uphi, uZinzi, namanzi, Bekushisa, umsebenzi, onzima				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI						
<u>Injongo yesifundo:</u> Ukulalela indaba nokufunda amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho Ukulungiselela Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: abafundi bonke - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Fundela abafundi indaba yonke. - Phakamisa ifleshi-khadi ngalinye bese usho igama kabili ngokucacile, abafundi bekubhekile futhi bekulalele. - Uma kunesidingo, chazela abafundi ukuthi igama lisho ukuthini ngokwenza umnyakazo, nokubakhombisa leyo nto noma isithombe sayo. - Cela abafundi bonke bafunde igama, bese ucela iqembu ngalinye kanye nomfundi ngamunye. - Yethula igama elilandelayo ngendlela efanayo. - Yibe usuphakamisa amagama omabili, ucele abafundi ukuthi bafunde amagama. - Qhubeka ngendlela efanayo kuze kube yilapho onke amagama alesi sifundo esefundiwe. - Tshela abafundi ukuba bakhiphe Amaphepha Okufunda noma bavule Izincwadi Zomsebenzi Wasekhaya Emaphepheni abo Okufunda. - Abafundi kufanele basebenzise <u>umbala owodwa</u> ukubeka uphawu emagameni abawafundile. - Ngomsebenzi wasekhaya, kufanele bazilolonge ngokufundela abanye ngokuphimsela ekhaya noma emiphakathini yabo. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.						
Abafundi bonke		1	2	3	4	5

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO										
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30										
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimisela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo										
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Uphi UZinzi?</i> amakhasi 5–8 - Incwadi ye-DBE ikhasi 7										
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI											
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda imisho futhi babhale izinhlamvu Abafundi bonke - Cela abafundi ukuba bavule ekhasini lesi-7 ezincwadini ze-DBE. Kufanele bafunde imisho futhi bafake uphawu ku-yebo noma isiphambano ucha bese bebhala izinhlamvu ezansi kwekhasi. - Maka umsebenzi uma usuphelile. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 4 no-5 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuzo ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani. <table><tr><td>Abafundi bonke</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr></table>						Abafundi bonke	1	2	3	4	5
Abafundi bonke	1	2	3	4	5						

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda incwadi neklasi lonke nothisha (ukufunda ngokuhlanganyela) bese uchaza ingqikithi yendaba - Sebenzisa izinto ezibonakalayo njengekhava yencwadi ukuqagela ukuthi incwadi imayelana nani - Bona ingqikithi kokufundiwe njengokulandelana kwezehlakalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE ikhasi 6, 7

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubona ingqikithi yendaba nokusho ukulandelana kwezehlakalo - Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunake futhi bakulalele. - Tshela abafundi ukuba bavule amakhasi 6, 7 ezincwadini zabo ze-DBE. - Abafundi mabaqagele ukuthi indaba imayelana nani ngokubheka izithombe. - Bekela abafundi isibonelo ngokufunda ngokucacile nangokuphimisela kahle umbhalo ofundwayo, ngesikhathi abafundi belandela ezincwadini zabo. - Uma ufika emagameni angejwayelekile, yisho imisindo yawo kubafundi, uphinde ufunde amagama. - Khumbuza abafundi ukuthi ingqikithi yendaba yilokho okubalulekile noma okumqoka ngayo. - Buza abafundi ukuthi bacabanga ukuthi iyini ingqikithi yendaba? (Abanye abantwana banezinkinga mayelana nemifaniswano yabo yabantwana besikole.) - Tshela abafundi ukuthi indaba iba nokuhleleka kolwazi olunikeziwe, ukulandelana – lokho okuza kuqala, okulandelayo kanye nokokugcina. - Yisho lokhu: Ukulandelana kolwazi okushiwo kule ndaba ukuthi okokuqala uthishaubuza abantwana ukuthi imifaniswano yabo isabalingana yini. Umfaniswano womunye umntwana mncane kakhulu. Omunye unomfaniswano omusha kodwa mkhulu kakhulu kunaye. Omunye umntwana unomfaniswano omncane kakhulu kunaye. Umntwana wesine akanawo umfaniswano. Uyise uzomthengela uma eseholile. - Cela abafundi ukuba bachazele ikhosi ukuthi indaba ilandelana kanjani. - Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. Bakhumbuze ngendlela yokufunda ukupela amagama. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.

DAY / USUKU 3	
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Revise the sound <i>nd</i> IMISINDO: Buyekeza umsindo <i>nd</i>
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Buyekeza imisindo efundwe eBangezi loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili - Ngale themu kulindleleke ukuba abafundi bafunde imisindo elandelayo: nc, nd, ng, nj, nk, nq, nt, nx, ns, ny, nz - Zifundise ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni - Yakha imisho okungenani eyishumi ngesonto usebenzisa imisindo efundiwe - Zifundise ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo - Buyekeza imisindo enhlamvumbili efundiwe - Zifundise ukubona umsindo wokuqala egameni isib. <u>nc</u>oma
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukwakha kanye nokubhala imisho enamagama anomsindo nd - Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunake futhi bakulalele. - Qiniseka ukuthi abafundi banezincwadi zabo zemisindo nezokubhala ngesandla kanye namapensela etafuleni. - Bhala imisindo yamagama alandelayo ebhodini: indoda, indibilishi, indingilizi, indali, indandatho, indololwane. - Cela abafundi ukuba babhale umusho ngegama ngalinye okuwukuthi imisho emi-3. - Hamba uzungeze phakathi kwabo unikeze usizo oludingekayo. - Noma yimuphi umfundi osheshe waqeda angafundela omunye imisho yakhe. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bamba ipensela ubeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele - Bhala osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane (izinhlamvu ze-alfabethi ezingama-26) ngendlela efanele
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukukopisha osonhlamvukazi - Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi baqaphelisise lapho ubhala osonhlamvukazi (abanikezwe ngezansi) ebhodini. - Khumbuza abafundi ngendlela yokwenza osonhlamvukazi ngamunye. - Khumbuza abafundi lapho kufanele baqale khona ohlamvini ngalunye nalapho kufanele baqhubekela khona. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa, isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu; ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, ukungabali emgqeni. - Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha futhi uhlale lokho abakwenzile, ubasize lapho kudingeka khona. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabuka ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, esemadeskini abo kanye nasebhodini. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Izinhlamvu	H, I, J, K, L, M

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED/INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI/ NGOKUZIMELA				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo - Funda ngokuzimela				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Uphi UZinzi?</i> amakhasi 5–8 - Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela – incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi Yokufunda Ngokuhlanganyela noma incwadi Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili nangokuzimela Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela: abafundi bonke - Nquma ukuthi abafundi bazofunda ngamunye, noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili uma bezofunda ngababili. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimsela, futhi baxoxe ngesithombe nangendaba. Kufanele benze lokhu ngokungabangi umsindo. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 1 no-2 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 4 UMSEBENZI 4	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda incwadi neklasi lonke nothisha (ukufunda ngokuhlanganyela) bese uchaza ingqikithi yendaba - Sebenzisa izinto ezibonakalayo njengekhava yencwadi ukuqagela ukuthi incwadi imayelana nani - Phendula imibuzo esezingeni eliphezulu emayelana nendaba efundiwe - Veza umbono wakho endabeni efundiwe - Bona ingqikithi kokufundiwe njengokulandelana kwezehlakalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE ikhasi 6, 7
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukulalela indaba, ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani, ukuphendula imibuzo, ukuveza imizwa mayelana nendaba kanye nokubona ukulandelana kwezigameko - Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunake futhi bakulalele. - Tshela abafundi ukuba bavule amakhasi 6, 7 ezincwadini zabo ze-DBE. - Phinda ufunde indaba kanye nabafundi. - Cela umfundi ukuba achazele ikhosi ukuthi iyini ingqikithi yendaba. - Cela abafundi abambalwa ukuba basho ukuthi bacabanga ukuthi iyini ingqikithi yendaba (imayelana nomfaniswano wabantwana besikole). - Khumbuza abafundi ukuthi indaba iba nokuhleleka kwendlela exoxwa ngayo, ukulandelana – lokho okuza kuqala, okulandelayo kanye nokokugcina. - Cela abafundi abambalwa ukuba bachazele ikhosi ukuthi indaba ilandelana kanjani. Uthisha ufuna ukwazi ukuthi ngabe umfaniswano wabantwana usabalingana yini. Umfaniswano womunye umntwana mncane kakhulu. Omunye unomfaniswano omusha kodwa mkhulu kakhulu kunaye. Omunye umntwana unomfaniswano omncane kakhulu kunaye. Umntwana wesine akanawo umfaniswano. Uyise uzomthengela uma eseholile. - Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. Bafundise ngendlela yokufunda ukupela amagama. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.

DAY / USUKU 4

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING UKULALELA NOKUKHULUMA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes: 5 minutes morning oral work; 10 minutes activity / imizuzu eyi-15: 5 imizuzu yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; imizuzu eyi-10: umsebenzi Emsebenzini wokukhuluma, abafundi bakhuluma ngosuku, isimo sezulu nangezehlakalo ezikhethekile, baxoxe izindaba, balalele ngaphandle kokuphazamisa, bacule amaculo futhi bawanyakazele. Ngokubonisa futhi uxoxe, ungacela abafundi abambalwa ukuba beze nento ekhaya abazotshela ikhosi ngayo.
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Xoxa indaba enesiqalo, umzimba kanye nesiphetho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi ze-DBE ikhasi 28
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukuqonda isiqalo, umzimba kanye nesiphetho sendaba - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe nezincwadi zabo ze-DBE ezivulwe ekhasini lama-28. - Tshela abafundi ukuthi yonke indaba kufanele ibe nesiqalo, umzimba kanye nesiphetho. - Batshela ukuba babheke umugqa wokuqala wezithombe ezisekhasini lama-28. - Yisho lokhu: Lezi zithombe zibonisa isiqalo, umzimba nesiphetho sale ndaba emayelana nomfana oyodoba. Ngizonixoxela indaba. Isithombe sokuqala esimakwe 1 yisiqalo – nguMgqibelo, uThabo uyodoba edamini. Ufuna ukubamba inhlanzi yesidlo sakusihlwa. Isithombe sesibili esimakwe 2 umzimba wendaba – ufaka isicupho odobeni lwakhe. Uhlala ngesineke edoba, uzama konke angakwenza ukuba abambe inhlanzi. Isithombe sesithathu esimakwe 3 yisiphetho sendaba – uThabo ubamba inhlanzi enkulu futhi ujabula kakhulu. Uthatha inhlanzi uya nayo ekhaya. Umndeni wakhe udla le nhlanzi esidlweni sakusihlwa. Indaba yami inesiqalo, umzimba kanye nesiphetho. Esifundweni esilandelayo uzothola ithuba lokuxoxa indaba enesiqalo, umzimba kanye nesiphetho. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bhala okungenani imisho emi-3 yezindaba zakho usebenzise imisindo efundiwe kanye namagama avame ukubonwa, osonhlamvukazi kanye nongqi - Yakha inqolobane yamagama nesichazamazwi sakho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi zokubhala, amakhrayoni, amapensela
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala indaba enesiqalo, umzimba kanye nesiphetho - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe namapensela, amakhrayoni kanye nezincwadi zabo zokubhala emadeskini abo. - Tshela abafundi ukuthi uzobhala imisho ebhodini exoxa indaba yokudoba kukaThabo edamini. Khumbuza abafundi ukuthi imisho kufanele yenze umqondo futhi itshale umfundi okuthile mayelana nokudoba kukaThabo. - Bhala imisho elandelayo ebhodini: NgoMgqibelo uThabo waya ukuyodoba edamini. Wafaka isicupho odobeni ukuze akwazi ukubamba inhlanzi. Wabamba inhlanzi enkulu. Umndeni wakhe wadla inhlanzi esidlweni sakusihlwa. - Funda indaba kanye nabafundi. - Buza abafundi ukuthi ingabe le misho yenza umqondo? Bayakuqonda yini lokho abakufunda ngoThabo? - Tshela abafundi ukuthi manje sekufanele babhale indaba ezincwadini zabo. Uzocima indaba yakho njengoba ufuna ukuba bakhumbule indaba bese bebhala eyabo imisho exoxa indaba emayelana nokudoba kukaThabo edamini. - Cima imisho yakho. - Tshela abafundi babhale okungenani imisho emi-3 emayelana nokudoba kukaThabo edamini. - Batshela ukuthi uma bengakwazi ukupela igama bangaleta izichazamazwi zabo kuze ukuze ubabhalele igama. - Ngesikhathi besematasatasa hamba uzungeze phakathi kwabo ukuze unikeze usizo lapho kudingeka khona. Qiniseka ukuthi abafundi bebhala imisho, basebenzisa osonhlamvukazi nongqi kanye nokuthi imisho ibhalwe ngokulandelayo okufanele. Siza noma yimuphi umfundi onobunzima bokwenza lokhu. - Thatha izincwadi bese umaka umsebenzi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED/INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI/ NGOKUZIMELA										
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30										
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo - Funda ngokuzimela										
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Uphi UZinzi?</i> amakhasi 5 – 8 - Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela – incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi Yokufunda Ngokuhlanganyela noma incwadi Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika										
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI											
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili nangokuzimela Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela: abafundi bonke - Nquma ukuthi abafundi bazofunda ngamunye, noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili uma bezofunda ngababili. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimsela, futhi baxoxe ngesithombe nangendaba. Kufanele benze lokhu ngokungabangi umsindo. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 3 no-4 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. Bafundise ngendlela yokufunda ukupela amagama. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.											
<table><tr><td>Abafundi bonke</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr></table>						Abafundi bonke	1	2	3	4	5
Abafundi bonke	1	2	3	4	5						
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.										

DAY / USUKU 5

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Testing phonic knowledge IMISINDO: Ukuhlola ulwazi lwemisindo
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Buyekeza imisindo efundwe eBangezi loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili - Ngale themu kulindeleke ukuba abafundi bafunde imisindo elandelayo: nc, nd, ng, nj, nk, nq, nt, nx, ns, ny, nz - Zifundise ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni. - Zifundise ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe - Zifundise ukuhlukanisa amagama ngezinhlamvu nangemisindo eziyakhile isib. i-nce-nce/i-n-c-e-n-c-e - Zifundise ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo - Buyekeza imisindo enhlamvumbili efundiwe
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukuhlolwa kwamagama anomsindo nd

- Cela abafundi ukuba:
 - babhale isihloko **Isivivinyo Sesibizelo** kanye nosuku emgqeni ofanayo ezincwadini zabo zemisindo nezokubhala ngesandla.
 - bagoqe ikhasi libe wuhhafu, bese bebhala izinombolo 1-5 eduze komugqa, no 6-10 zehle phakathi nendawo nekhasi.
- Biza inombolo 1 bese ubiza igama lokuqala lesibizelo.
- Abafundi kufanele babhale ngobunono igama eduze kwenombolo 1.
- Uma bengakwazi ukubhala igama lelo mababhale udwi eduze kwenombolo.
- Ekugcineni kwesivivinyo, tshela abafundi ukuthi bazozimakela bona ezincwadini zabo.
- Bhala igama lokuqala ebhodini.
- Tshela abafundi babeke uphawu egameni abalibhale kahle, noma isiphambano uma bengalibhalanga kahle. Uma igama lingabhalaliwe kahle kufanele balibhale kahle.
- Qhubeka ngendlela efanayo kuwo wonke amagama.
- Uma abafundi sebeqedile ukumaka, thatha izincwadi zabafundi zokubhala bese uqaphela labo bafundi abangabhalanga kahle amagama angaphezu kukahhafu ukuze ubelekelele.
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

Isivivinyo sesibizelo	Usuku
1. indandatho	6. indibilishi
2. indingilizi	7. indunduma
3. indololwane	8. indali
4. induku	9. indoda
5. Ndabezitha	10. iyandiza

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimisela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Uphi UZinzi?</i> amakhasi 5–8 - Incwadi ye-DBE ikhasi 8

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke badweba isithombe bese beqedela ikhadi Abafundi bonke - Cela abafundi ukuba bavule ekhasini lesi-8 ezincwadini zabo ze-DBE. Kufanele badwebe isithombe sabo bese beqedela ikhadi ngemininingwane yabo. - Maka umsebenzi uma usuphelile. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 5 no-1 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Bhala uhla lwezinto eziyimisebenzi yosuku usebenzise ukhefana ukuzehlukhanisa
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi zokubhala, amapensela
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala uhla lwezinto usebenzise okhefana - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele bonke bakwazi ukukubona. Kufanele babe nezincwadi zabo zokubhala kanye namapensela emadeskini abo. - Tshela abafundi ukuthi uma sibhala uhlu lwezinto, isib. Izithelo, sibhala ukhefana ukuzehlukhanisa izinto. - Bhala umusho olandelayo ebhodini: Ngithanda ukudla ama-apula amapheya ubhanana namawolintshi. - Funda umusho kanye nabafundi. - Batshele ukuthi uzobhala ukhefana ukuzehlukhanisa izinto. Ngithanda ukudla ama-apula, amapheya, ubhanana namawolintshi. - Bhala umusho olandelayo ebhodini: Umfowethu udla otamatisi amazambane ubhontshisi ikhabishi kanye nethanga. - Tshela abafundi ukuba bakopishele ezincwadini zabo uhla bese bebhala okhefana lapho kufanele babhalwe khona. - Ngesikhathi abafundi besematasatasa hamba uzungeza phakathi kwabo futhi unikeze usizo lapho kudingeka khona. - Bhala okhefana ebhodini: Umfowethu udla otamatisi, amazambane, ubhontshisi, ikhabishi kanye nethanga. - Abafundi abamake umsebenzi wabo bese belungisa amaphutha noma yimaphi. - Landela inqubo efanayo kulokhu: Sisebenzisa izincwadi amapensela amarabha amapeni eklasini. UJabu umama ubaba umfowabo kanye nodadewabo. - Thatha izincwadi uzimake. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

WEEK / ISONTO 4

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	7 hours / amahora ayisi-7
---------------------------------------	---------------------------

GROUP GUIDED READING FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU ALAWULWAYO KWESONTO

FLASHCARDS / AMAFLESHI-KHADI	sidlale, sizodlala, nizozifihla, zifihleni, bayazifihla, Uzifihle, Ngumdlalo
BOOK / INCWADI	<i>Sidlala ungize</i> amakhasi 1–4
GROUP GUIDED READING: ORAL COMPREHENSION QUESTIONS FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO: IMIBUZO YESIFUNDO SOKUQONDISISA EPHENDULWA NGOMLOMO NGESONTO	
• UBongani wayebabizelani abangane bakhe? (ukuze bazodlala ungize) • Obani abazifihlayo? (abangane bakaBongani) • Yimuphi umngane owatholwa uBongani ngaphansi kwetafula lokudla? (uVela) • UBongani wawubona kungumdlalo onjani lona? (omnandi) • Bukisisa isithombe bese usho ukuthi uBongani umtholephi lo mngane wakhe. (Ngemuva kwekhethini)	

DAY / USUKU 1

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING and SPEAKING ASSESSMENT GROUP 2 UKULALELA NOKUKHULUMA UKUHLOLA IQEMBU 2 Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes: 5 minutes morning oral work; 25 minutes: activity / imizuzu engama-30: 5 imizuzu yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; imizuzu engama-25: umsebenzi

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	PHONICS: Introduce the sound <i>nk</i> IMISINDO: Yethula umsindo <i>nk</i>
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Buyekeza imisindo efundwe eBangeni loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili • Ngale themu kulindeleke ukuba abafundi bafunde imisindo elandelayo: nc, nd, ng, nj, nk, nq, nt, nx, ns, ny, nz • Zifundise ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni. • Zifundise ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe • Zifundise ukuhlukanisa amagama ngezinhlamvu nangemisindo eziyakhile isib. i-nce-nce/i-n-c-e-n-c-e • Yakha imisho okungenani eyishumi ngesonto usebenzisa imisindo efundiwe • Zifundise ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo • Buyekeza imisindo enhlamvumbili efundiwe • Zifundise ukubona umsindo wokuqala egameni isib. <u>nc</u>oma
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Ifleshi-khadi yomsindo: nk • Imisindo yamagama: inkonyane, inkinobho, inkumbulo, inkanyezi • Umsebenzi wasekhaya

ACTIVITY DESCRIPTION	
Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo nk kanye namagama anomsindo nk - Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi akho, yenza ikhophi yohlu lwamagama esibizelo ozolunikeza umfundi ngamunye, bese ubhala amagama esibizelo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: Amagama esibizelo anomsindo nk. - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi basho emva kwakho. - Khombisa abafundi ifleshi-khadi uphinde izikhathi ezimbalwa. - Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo okufleshi-khadi. - Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo bese ucela basho igama layo. - Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomsindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo. - Dwebela umsindo emagameni esibizelo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye, wehlukanise ngemisindo nangamalunga. - Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya bese bekopisha amagama esibizelo asebhodini noma banamathisele amaphepha anala magama. - Cela abafundi ukuba babhale umusho onalinye lamagama okuwukuthi imisho emi-4. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bamba ipensela ubeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele - Bhala osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane (izinhlamvu ze-alfabhethi ezingama-26) ngendlela efanele
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukukophisha osonhlamvukazi - Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi baqaphelisise lapho ubhala osonhlamvukazi (abanikezwe ngezansi) ebhodini. - Khumbuza abafundi ngendlela yokwenza osonhlamvukazi ngamunye. - Khumbuza abafundi lapho kufanele baqale khona ohlamvini ngalinye nalapho kufanele baqhubekele khona. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa, isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu; ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, ukungabhali emgqeni. - Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha futhi uhlale lokho abakwenzile, ubasize lapho kudingeka khona. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabuka ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, esemadeskini abo kanye nasebhodini. - Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. Uma kudingeka, bakhumbuze ngendlela yokufunda ukupela amagama. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Izinhlamvu	N, O, P, Q, R, S, T, U, V, W, X, Y, Z
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	Funda imisindo yamagama.

DAY / USUKU 2

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Sidlala ungize</i> amakhasi 1–4 - Amafleshi-khadi amagama afundwa ngokubukwa– sidlale, sizodlala, nizozifihla, zifihleni, bayazifihla, Uzifihle, Ngumdlalo				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Ukulalela indaba kanye nokufunda amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho					
Ukulungiselela Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: abafundi bonke					
Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Sidlala ungize</i> amakhasi 1–4 - Izincwadi ze-DBE ikhasi 9				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bebhala imisho					
Abafundi bonke					
- Cela abafundi ukuba bavule ekhasini lesi-9 ezincwadini ze-DBE. Kufanele babhale imisho emi-3 emayelana nemifaniswano yabo bese belebula izimpahla. - Maka umsebenzi uma usuphelile njengoba kuboniswe esibonelweni.					
Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 2 no-3					
- Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda incwadi neklasi lonke nothisha (ukufunda ngokuhlanganyela) bese uchaza ingqikithi yendaba - Sebenzisa izinto ezibonakalayo njengekhava yencwadi ukuqagela ukuthi incwadi imayelana nani - Bona ingqikithi kokufundiwe njengokulandelana kwezehlakalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE amakhasi 10, 11
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubona ingqikithi yendaba nokusho ukulandelana kwendaba - Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunake futhi bakulalele. - Tshela abafundi ukuba bavule amakhasi 10, 11 ezincwadini zabo ze-DBE. - Abafundi mabaqagele ukuthi indaba imayelana nani ngokubuka izithombe. - Bekela abafundi isibonelo ngokufunda ngokucacile nangokuphimisela kahle umbhalo ofundwayo, ngesikhathi abafundi belandela ezincwadini zabo. - Uma ufika emagameni angejwayelekile, yisho imisindo yawo kubafundi, uphinde ufunde amagama. - Khumbuza abafundi ukuthi umzimba yendaba yilokho okubalulekile noma okumqoka ngayo. - Buza abafundi ukuthi bacabanga ukuthi iyini umzimba yale ndaba? (uJim unabangani abasha azodlala nabo.) - Tshela abafundi ukuthi indaba iba nokuhleleka kolwazi olunikeziwe, ukulandelana – lokho okuza kuqala, okulandelayo kanye nokokugcina. Ukulandelana kwale ndaba ukuthi uJim ungumfana omusha esikoleni. Uzizwa enesizungu ngoba akanaye azodlala naye. UMimi kanye noSipoti badlala naye. Uyajabula ngoba usenabantwana azodlala nabo. Tshela abafundi ukuthi le ndaba ibhalwe yaba sesikhathini samanje. Lokhu kusho ukuthi ibhalwe kwangathi yenzeka manje, namuhla hhayi izolo noma kusasa. - Cela abafundi abaningi ngangokunokwenzeka ukuba bachazele ikhosi ukuthi indaba ilandelana kanjani. - Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. Uma kudingeka, bakhumbuze ngendlela yokufunda ukupela amagama. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Ukufunda amagama afundwayo. - Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.

DAY / USUKU 3

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Introduce the sound <i>nx</i> IMISINDO: Yethula umsindo <i>nx</i>
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Buyekeza imisindo efundwe eBangezi loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili • Ngale themu kulindeleke ukuba abafundi bafunde imisindo elandelayo: nc, nd, ng, nj, nk, nq, nt, nx, ns, ny, nz • Zifundise ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni. • Zifundise ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe • Zifundise ukhulukanisa amagama ngezinhlamvu nangemisindo eziyakhile isib. i-nce-nce/i-n-c-e-n-c-e • Yakha imisho okungenani eyishumi ngesonto usebenzisa imisindo efundiwe • Zifundise ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo • Buyekeza imisindo enhlamvumbili efundiwe • Zifundise ukubona umsindo wokuqala egameni isib. <u>n</u>coma
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Ifleshi-khadi yomsindo: nx • Imisindo yamagama: ukunxapha, isinxephezelo, unxantathu, amanxiwa, isinxele, nxusa • Incwadi yomsebenzi wasekhaya

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo *nx* kanye namagama anomisindo *nx*

- Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi akho, yenza ikhophi yohlu lwamagama esibizelo ozolunikeza umfundi ngamunye, bese ubhala amagama esibizelo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: **Amagama esibizelo anomisindo *nx*.**
- Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele.
- Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi basho emva kwakho.
- Khombisa abafundi ifleshi-khadi uphinde izikhathi ezimbalwa.
- Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo okufleshi-khadi.
- Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo bese ucela basho igama layo.
- Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomisindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo.
- Dwebela umsindo emagameni esibizelo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye, wehlukanise ngemisindo nangamalunga.
- Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya bese bekopisha amagama esibizelo asebhodini noma banamathisele amaphepha anala magama ngaphansi kwesihloko. Bazofunda lawa magama emsebenzini wasekhaya.
- Cela abafundi ukuba bakhethe amagama ama-3 bese bebhala umusho ube munye ngegama ngalinye okuwukuthi imisho emithathu.
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Bamba ipensela ubeke nezinto zokubhala ngendlela efanele • Bhala osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane (izinhlamvu ze-alfabethi ezingama-26) ngendlela efanele • Bhala amagama uwahlukanise kahle ngezikhala phakathi kwezinhlamvu namagama
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala amagama ngezinhlamvu ezincane nangosonhlamvukazi - Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi baqaphelisise lapho ubhala amagama (anikezwe ngezansi) ebhodini. - Khumbuza abafundi ngendlela yokwenza osonhlamvukazi ngamunye. - Bhala ngokucophelela izinhlamvu ezincane kanye nosonhlamvukazi emagameni. - Khumbuza abafundi lapho kufanele baqale khona ohlamvini ngalunye nalapho kufanele baqhubekele khona. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa, isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu; ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, ukungabhali emgqeni. - Bakhuthaze ukuba babhale ngokushesha, kodwa ngokucophelela. - Bakhombise okhefana abaphakathi kwamagama futhi ubatshele ukuthi lokhu kubizwa ngokuthi okhefana nokuthi kufanele bababhale phakathi kwamagama. Okhefana basetshenziswa lapha ngenxa yokuthi uhla lwamagama. - Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha futhi uhlole lokho abakwenzile, ubasize lapho kudingeka khona. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabuka ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, esemadeskini abo kanye nasebhodini. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Amagama	Isinxele, inkonyane, Ndabezitha, indandatho, unxantathu

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED/INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI/NGOKUZIMELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimisela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo. - Funda ngokuzimela
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Sidlala ungize</i> amakhasi 1–4 - Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela – incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi Yokufunda Ngokuhlanganyela noma incwadi Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili nangokuzimela					
Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela: abafundi bonke					
• Nquma ukuthi abafundi bazofunda ngamunye, noma ngababili. • Hlela abafundi ngababili uma bezofunda ngababili. • Banikeze izincwadi. • Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela, futhi baxoxe ngesithombe nangendaba. Kufanele benze lokhu ngokungabangi umsindo • Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela.					
Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 4 no-5					
• Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. • Buza abafundi imibuzo yokufundisa ephendulwa ngomlomo. • Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. • Hlola abafundi bese wenza amanothi. • Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 4 UMSEBENZI 4	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Humusha izithombe kanye nokunye kwemithombo yabezindaba njengesithombe kumbe isikhangiso ukuze wakhe indaba yakho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Isithombe abafundi abangasisebenzisa ekuxoxeni indaba
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukuxoxa indaba emayelana nesithombe Ngaphambi kwalesi sifundo thola isithombe abafundi abangaxoxa futhi benze indaba ngaso. Yenzela abafundi amakhophi aso. - Hlalisa kahle abafundi ukuze bakunake futhi bakulalele. - Nika umfundi ngamunye noma abafundi ababili ikhophi yesithombe. - Cela abafundi bakutshela ukuthi yini abayibona esithombeni. Cela abafundi abambalwa ukuba basho. - Cela abafundi bathule bazenzele eyabo indaba ngalokho abacabanga ukuthi kuboniswa yisithombe. - Cela abafundi ukuba baxoxelane omunye nomunye indaba yabo. - Hamba uzungeza phakathi kwabo unike usizo lapho kudingeka. - Cela abafundi abambalwa ukuba baxoxele ikhosi lonke indaba yabo, khetha abafundi abehlukile isonto ngalinye. - Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. Uma kudingeka, bakhumbuze ngendlela yokufunda ukupela amagama. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.

DAY / USUKU 4

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING and SPEAKING ASSESSMENT GROUP 3 (<i>half</i>) UKULALELA NOKUKHULUMA UKUHLOLA IQEMBU 3 (<i>uhhafu</i>) Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	15 minutes: 5 minutes morning oral work; 10 minutes: activity / imizuzu eyi-15: 5 imizuzu yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; imizuzu engama-10: umsebenzi

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Dweba izithombe ukudlulisa umyalezo njengezindaba zakho - Bhala okungenani imisho emi-3 yezindaba zakho usebenzise imisindo efundiwe kanye namagama avame ukubonwa, osonhlamvukazi kanye nongqi - Yakha inqolobane yamagama nesichazamazwi sakho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi zokubhala, amakhrayoni, amapensela

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukudweba isithombe nokubhala imisho ngendaba abasanda kuyizwa	
- Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe namapensela, amakhayoni kanye nezincwadi zabo zokubhala emadeskini abo. - Tshela abafundi ukuthi uzobhala imisho ebhodini exoxa indaba abasanda kuyizwa ekufundeni Ngokuhlanganyela. - Bhala okungenani imisho emi-4 ebhodini njengesibonelo. Abantwana bathanda ukudlala imidlalo eyehlukene. Bayagijima, bagxume futhi badlale ibhola lokuphonselana nelikanobhutshuzwayo. UKhekhe angathanda ukudlala kodwa akakwazi ukuhamba. Udlala nenja yakhe futhi sonke sikhuluma naye. - Funda imisho bese ukhombaosonhlamvukazi kanye nongqi, ukhumbuze abafundi ukuthi sisebenzisa osonhlamvukazi ekuqaleni komusho kanti ungqi uba sekugcineni komusho. Batshele ukuthi le ndaba ibhalwe yaba sesikhathini samanje – yenzeka manje, namuhla; hhayi izolo noma kusasa. - Tshela abafundi ukuba badwebe isithombe ngendaba abasanda kuyizwa Ekufundeni Ngokuhlanganyela, bese bebhala okungenani imisho emi-3 ngaphansi kwesithombe sabo. Le misho kufanele ibe mayelana nesithombe. - Batshele ukuthi uma bengakwazi ukupela igama bangaletha izichazamazwi zabo kuwe ukuze ubabhalele lelo gama. - Ngesikhathi besematasatasa hamba uzungeza phakathi kwabo ukuze usize lapho kudingeka khona. - Thatha izincwadi bese umaka umsebenzi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED/INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI/ NGOKUZIMELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimisela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo - Funda ngokuzimela
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Sidlala ungize</i> amakhasi 1 – 4 - Ukufunda Ngababili / Ngokuzimela – incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi Yokufunda Ngokuhlanganyela noma incwadi Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili nangokuzimela					
Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela: abafundi bonke - Nquma ukuthi abafundi bazofunda ngamunye, noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili uma bezofunda ngababili. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela, futhi baxoxe ngesithombe nangendaba. Kufanele benze lokhu ngokungabangi umsindo. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela.					
Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 1 no-2 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuze ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. Uma kudingeka, bakhumbuze ngendlela yokufunda ukupela amagama. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.				

DAY / USUKU 5

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Testing phonic knowledge IMISINDO: Ukuhlola ulwazi lwemisindo												
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15												
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Buyekeza imisindo efundwe eBangezi loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili - Ngale themu kulindeleke ukuba abafundi bafunde imisindo elandelayo: nc, nd, ng, nj, nk, nq, nt, nx, ns, ny, nz - Zifundise ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni - Zifundise ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe - Zifundise ukuhlukanisa amagama ngezinhlamvu nangemisindo eziyakhile isib. i-nce-nce/i-n-c-e-n-c-e - Zifundise ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo - Buyekeza imisindo enhlamvumbili efundiwe												
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla												
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI													
Injongo yesifundo: Ukuhlolwa kwamagama anomsindo nx - Cela abafundi ukuba: - babhale isihloko Isivivinyo Sesibizelo kanye nosuku emgqeni ofanayo ezincwadini zabo zemisindo nezokubhala ngesandla. - bagoqe ikhasi libe wuhhafu, bese bebhala izinombolo 1-5 eduze komugqa, no 6-10 zehle phakathi nendawo nekhasi. - Biza inombolo 1 bese ubiza igama lokuqala lesibizelo. - Abafundi kufanele babhale ngobunono igama eduze kwenombolo 1. - Uma bengakwazi ukubhala igama lelo mababhale udwi eduze kwenombolo. - Ekugcineni kwesivivinyo, tshela abafundi ukuthi bazozimakela bona ezincwadini zabo. - Bhala igama lokuqala ebhodini. - Tshela abafundi babeke uphawu egameni abalibhale kahle, noma isiphambano uma bengalibhalanga kahle. Uma igama lingabhalaliwe kahle kufanele balibhale kahle. - Qhubeka ngendlela efanayo kuwo wonke amagama. - Uma abafundi sebeqedile ukumaka, thatha izincwadi zabafundi zokubhala bese uqaphela labo bafundi abangabhalanga kahle amagama angaphezu kukahhafu ukuze ubelekelele. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.													
<table border="1"> <thead> <tr> <th>Isivivinyo sesibizelo</th><th>Usuku</th></tr> </thead> <tbody> <tr> <td>1. ukunxapha</td><td>6. unxantathu</td></tr> <tr> <td>2. inkonyane</td><td>7. inkanyezi</td></tr> <tr> <td>3. isinxele</td><td>8. amanxiwa</td></tr> <tr> <td>4. isinxephezelo</td><td>9. inkinobho</td></tr> <tr> <td>5. inkumbulo</td><td>10. nxusa</td></tr> </tbody> </table>		Isivivinyo sesibizelo	Usuku	1. ukunxapha	6. unxantathu	2. inkonyane	7. inkanyezi	3. isinxele	8. amanxiwa	4. isinxephezelo	9. inkinobho	5. inkumbulo	10. nxusa
Isivivinyo sesibizelo	Usuku												
1. ukunxapha	6. unxantathu												
2. inkonyane	7. inkanyezi												
3. isinxele	8. amanxiwa												
4. isinxephezelo	9. inkinobho												
5. inkumbulo	10. nxusa												

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Sidlala ungize</i> amakhasi 1–4 - Izincwadi ze-DBE ikhasi 11

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda imisho futhi babhale izinhlamvu. Abafundi bonke - Cela abafundi ukuba bavule ekhasini le-11 ezincwadini zabo ze-DBE. Kufanele bafunde imisho futhi bafake uphawu ku-yebo noma isiphambano ku-cha bese bebhala izinhlamvu ezansi kwekhasi. - Maka umsebenzi uma usuphelile. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 3 no-4 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Dweba izithombe ukudlulisa umyalezo njengezindaba zakho - Bhala okungenani imisho emi-3 yezindaba zakho usebenzise imisindo efundiwe kanye namagama avame ukubonwa, osonhlamvukazi kanye nongqi - Yakha inqolobane yamagama nesichazamazwi sakho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi zokubhala, amakhrayoni, amapensela
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukudweba isithombe nokubhala imisho emayelana nencwadi Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo noma incwadi abayithandayo - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe namapensela, amakhrayoni kanye nezincwadi zabo zokubhala emadeskini abo. - Tshela abafundi ukuba badwebe isithombe esimayelana nencwadi Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo ethi <i>Sidlala ungize</i> abayifundayo noma incwadi yabo abayithandayo bese bebhala okungenani imisho emi-3 ngaphansi kwesithombe sabo. Le misho kufanele ibe mayelana nesithombe sabo. - Batshele ukuthi uma bengakwazi ukupela igama bangaletsa izichazamazwi zabo kuwe ukuze ubabhalele igama. - Ngesikhathi besematasatasa hamba uzungeza phakathi kwabo ukuze usize lapho kudingeka khona. - Thatha izincwadi bese umaka umsebenzi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

WEEK / ISONTO 5

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	7 hours / amahora ayisi-7
---------------------------------------	---------------------------

GROUP GUIDED READING FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU ALAWULWAYO KWESONTO

FLASHCARDS / AMAFLESHI-KHADI	besidlala, siyodla, okumnandi, wahluleka, umdlalo
BOOK / INCWADI	<i>Sidlala ungize amakhasi 5–8</i>
GROUP GUIDED READING: ORAL COMPREHENSION QUESTIONS FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO: IMIBUZO YESIFUNDO SOKUQONDISISA EPHENDULWA NGOMLOMO NGESONTO	
- Bhekisisa isithombe esisekhasini lesi-5, bese usho ukuthi uBongani umthola kuphi umngane wakhe? (ngaphansi kombhede) - Yisiphi isilwane esibonwa uBongani eduzane nekhabethe lapho ethola umngane wakhe ekhabethe? (ikati) - Ubani owenzele uBongani nabangane bakhe ukudla? (umama) - Kwakuzwakala kanjani ukudla kukaBongani nabangani bakhe? (Kwakumnandi) - Babe bangaki abangani bakaBongani? (Babe bane)	

DAY / USUKU 1

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING and SPEAKING ASSESSMENT GROUP 4 UKULALELA NOKUKHULUMA UKUHLOLA IQEMBU 4 Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes: 5 minutes morning oral work; 25 minutes: activity / imizuzu engama-30: 5 imizuzu yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; imizuzu engama-25: umsebenzi

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	PHONICS: Introduce the sound <i>nj</i> IMISINDO: Yethula umsindo <i>nj</i>
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Buyekeza imisindo efundwe eBangeni loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili - Ngale themu kulindeleke ukuba abafundi bafunde imisindo elandelayo: nc, nd, ng, nj, nk, nq, nt, nx, ns, ny, nz - Zifundise ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni - Zifundise ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe - Zifundise ukuhlukanisa amagama ngezinhlamvu nangemisindo eziyakhile isib. i-nce-nce/i-n-c-e-n-c-e - Zifundise ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo - Buyekeza imisindo enhlamvumbili efundiwe - Zifundise ukubona umsindo wokuqala egameni isib. <u>n</u>coma
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ifleshi-khadi yomsindo: nj - Imisindo yamagama: uNjabulo, injini, iminjunju, injoloba, injalo - Izincwadi zomsebenzi wasekhaya

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo nj kanye namagama anomsindo nj - Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi akho, yenza ikhophi yohlu lwamagama esibizelo ozolunikeza umfundi ngamunye, bese ubhala amagama esibizelo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: Amagama esibizelo anomsindo nj. - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi basho emva kwakho. - Khombisa abafundi ifleshi-khadi uphinde izikhathi ezimbalwa. - Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo okufleshi-khadi. - Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo bese ucela basho igama layo. - Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomsindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo. - Dwebela umsindo emagameni esibizelo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye, wehlukanise ngemisindo nangamalunga. - Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya bese bekopisha amagama esibizelo asebhodini noma banamathisele amaphepha anala magama ngaphansi kwesihloko. Bazowafunda emsebenzini wasekhaya. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bamba ipensela ubeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele - Bhala osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane (izinhlamvu ze-alfabethi ezingama-26) ngendlela efanele - Bhala amagama uwahlukanise kahle ngezikhala phakathi kwezinhlamvu namagama
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukukopisha amagama kanye nomusho - Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi baqaphelisise lapho ubhala amagama kanye nomusho (anikezwe ngezansi) ebhodini. - Bhala ngokucophelela osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane emagameni. - Khumbuza abafundi lapho kufanele baqale khona ohlamvini ngalinye nalapho kufanele baqhubekele khona. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa, isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu; ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, ukungabhali emgqeni. Bakhumbuze mayelana nosonhlamvukazi ekuqaleni komusho kanye nongqi ekugcineni. - Bakhuthaze ukuba babhale ngokushesha, kodwa ngokucophelela. - Babonise okhefana phakathi kwamagama bese ubatshela ukuthi lokhu kubizwa ngokuthi okhefana nanokuthi kufanele babhalwe phakathi kwamagama. Okhefana basetshenziswe lapha ngoba lolu uhla lwamagama. - Njengoba abafundi besebenza, hamba phakathi kwabo ulungisa amaphutha futhi unikeze usizo kubafundi. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabuka ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, esemadeskini abo kanye nasebhodini. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Amagama	- uNjabulo, injini, iminjunju - Sithanda ibhola lezinyawo.
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	Funda amagama afundwayo.

DAY / USUKU 2

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimisela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	<i>Sidlala ungize</i> amakhasi 5–8 - Amafleshi-khadi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho – besidlala, siyodla, okumnandi, wahluleka, umdlalo				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Ukulalela indaba nokufunda amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho					
Ukulungiselela Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: abafundi bonke					
- Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Fundela abafundi indaba yonke. - Phakamisa ifleshi-khadi ngalinye bese usho igama kabili ngokucacile, abafundi bekubhekile futhi bekulalele. - Uma kunesidingo, chazela abafundi ukuthi igama lisho ukuthini ngokwenza umnyakazo, nokubakhombisa leyo nto noma isithombe sayo. - Cela abafundi bonke bafunde igama, bese ucela iqembu ngalinye kanye nomfundi ngamunye. - Yethula igama elilandelayo ngendlela efanayo. - Yibe usuphakamisa amagama omabili, ucele abafundi ukuthi bafunde amagama. - Qhubeka ngendlela efanayo kuze kube yilapho onke amagama alesi sifundo esefundiwe. - Tshela abafundi ukuba bakhophe Amaphepha Okufunda noma bavule Izincwadi Zomsebenzi Wasekhaya Emaphepheni abo Okufunda. - Abafundi kufanele basebenzise <u>umbala owodwa</u> ukubeka uphawu emagameni abawafundile. - Ngomsebenzi wasekhaya, kufanele bazilolonge ngokufundela abanye ngokuphimisela ekhaya noma emiphakathini yabo. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimisela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Sidlala ungize</i> amakhasi 5–8 - Izincwadi ze-DBE ikhasi 13				

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bebhala amagama bese bebhala ngaphezulu kwemigqa Abafundi bonke - Cela abafundi ukuba bavule ekhasini le-13 ezincwadini ze-DBE. Kufanele babhale amagama emabhokisini omsindo afanele bese bebhala ngaphezu kwemigqa ukuze basize umfana akwazi ukufika esikoleni. - Maka umsebenzi uma usuphelile. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 5 no-1 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda incwadi neklasi lonke nothisha (ukufunda ngokuhlanganyela) bese uchaza ingqikithi yendaba - Sebenzisa izinto ezibonakalayo isib. izithombe nekhava yencwadi ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani, ukuveza umbono wakho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Ukufunda Ngokuhlanganyela – Incwadi ye-DBE ikhasi 34
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukusebenzisa izinto ezibonakalayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani, ukulalela indaba kanye nokuchaza ingqikithi yendaba - Hlalisa kahle abafundi. - Babonise isithombe esisekhasini lama-34 encwadini ye-DBE bese ucela umfundi ngamunye ukuba atshele ikhasi ukuthi ucabanga ukuthi le ndaba izoba mayelana nani. - Fundela abafundi indaba esekhasini lama-34 encwadini ye-DBE ngezwi elicacile, nelizwakala kahle. - Buza umfundi ngamunye imibuzo elandelayo: - Iyini ingqikithi yale ndaba? (abantwana banemindeneni eyahlukahlukene) - Ingabe uyithandile indaba? Kungani kunjalo? Kungani kungenjalo? - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

DAY / USUKU 3

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Introduce the sound <i>nt</i> IMISINDO: Yethula umsindo <i>nt</i>
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Buyekeza imisindo efundwe eBangeni loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili • Ngale themu kulindeleke ukuba abafundi bafunde imisindo elandelayo: nc, nd, ng, nj, nk, nq, nt, nx, ns, ny, nz • Zifundise ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Zifundise ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe • Zifundise ukhulukanisa amagama ngezinhlamvu nangemisindo eziyakhile isib. i-nce-nce/i-n-c-e-n-c-e • Yakha imisho okungenani eyishumi ngesonto usebenzisa imisindo efundiwe • Zifundise ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo • Buyekeza imisindo enhlamvumbili efundiwe • Zifundise ukubona umsindo wokuqala egameni isib. <u>n</u>coma
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Ifleshi-khadi yomsindo: nt • Imisindo yamagama: intambo, ntinyela, intuthwane, intaba, intonga • Incwadi yomsebenzi wasekhaya

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo *nt* kanye namagama anomisindo *nt*

- Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi akho, yenza ikhophi yohlu lwamagama esibizelo ozolunikeza umfundi ngamunye, bese ubhala amagama esibizelo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: **Amagama esibizelo anomisindo nt.**
- Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele.
- Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi basho emva kwakho.
- Khombisa abafundi ifleshi-khadi uphinde izikhathi ezimbalwa.
- Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo okufleshi-khadi.
- Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo bese ucela basho igama layo.
- Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomisindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo.
- Dwebela umsindo emagameni esibizelo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye, wehlukanise ngemisindo nangamalunga.
- Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya bese bekopisha amagama esibizelo asebhodini noma banamathisele amaphepha anala magama ngaphansi kwesihloko. Bazowafunda emsebenzini wasekhaya.
- Cela abafundi ukuba bakhethe amagama ama-3 bese bebhala umusho ngegama ngalinye okuwukuthi imisho emi-3.
- Hamba uzungenze phakathi kwabo unikeze usizo lapho kudingeka khona.
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Bamba ipensela ubeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele • Bhala osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane (izinhlamvu ze-alfabethi ezingama-26) ngendlela efanele • Bhala amagama uwahlukanise kahle ngezikhala phakathi kwezinhlamvu namagama • Kopisha bese ubhala imisho emibili noma ngaphezulu ngendlela efanele • Bhala uphinde usebenzise izimpawu zokukhanyisa (ongqi, uphawu lombuzo, izibabazi)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukukopisha umusho - Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi baqaphelisise lapho ubhala umusho (onikezwe ngezansi) ebhodini. - Funda umusho kanye nabafundi, bese uhlola ukuthi bayakuqonda yini okushoyo. - Khumbuza abafundi lapho kufanele baqale khona ohlamlvini ngalunye nalapho kufanele baqhubekele khona. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa, isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu; ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, ukungabhalwa emgqeni. - Khumbuza abafundi ukuthi umusho uqala ngosonhlamvukazi futhi ugcine ngongqi. - Bakhuthaze ukuba babhale ngokushesha, kodwa ngokucophelela. - Njengoba abafundi besebenza, hamba phakathi kwabo ulungisa amaphutha futhi unikeze usizo kubafundi. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabuka ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, esemadeskini abo kanye nasebhodini. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Umusho	UKhekhe uhamba nenja.

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED/INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI/ NGOKUZIMELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo - Funda ngokuzimela
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Sidlala ungize</i> amakhasi 5–8 - Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela – incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi Yokufunda Ngokuhlanganyela noma incwadi Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili nangokuzimela					
Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela: abafundi bonke					
• Nquma ukuthi abafundi bazofunda ngamunye, noma ngababili. • Hlela abafundi ngababili uma bezofunda ngababili. • Banikeze izincwadi. • Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimsela, futhi baxoxe ngesithombe nangendaba. Kufanele benze lokhu ngokungabangi umsindo. • Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela.					
Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 2 no-3					
• Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. • Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo. • Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. • Hlola abafundi bese wenza amanothi. • Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 4 UMSEBENZI 4	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Humusha izithombe kanye nokunye kwemithombo yabezindaba. Isib. isithombe noma isikhangiso, ukuze wakhe indaba yakho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Noma yisiphi isithombe (uzodinga izithombe ezi-3 – si-1 salesi sifundo kanye nezi-2 zezifundo zokufunda ngokuhlanganyela ezilandelayo zemizuzu eyi-15)
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukuhumusha isithombe ukuze wenze indaba	
- Hlalisa kahle abafundi. - Bonisa abafundi isithombe osikhethile futhi ucele abafundi abehlukene ukuba babheke isithombe bese benza indaba emayelana nesithombe. Ukwaziswa okusendabeni kufanele kulandelayo kahle, futhi kuhlobane nesithombe. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.

DAY / USUKU 4

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING and SPEAKING ASSESSMENT GROUP 3 (half) UKULALELA NOKUKHULUMA UKUHLOLA IQEMBU 3 (uhhafu) Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	15 minutes: 5 minutes morning oral work; 10 minutes: activity / imizuzu eyi-15: 5 imizuzu yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; imizuzu engama-10: umsebenzi

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	WRITING ASSESSMENT WHOLE CLASS UKUBHALA UKUHLOLA ABAFUNDI BONKE Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED/INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI/ NGOKUZIMELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo - Funda ngokuzimela
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Sidlala ungize</i> amakhasi 5–8 - Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela – incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi Yokufunda Ngokuhlanganyela noma incwadi Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI											
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili nangokuzimela Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela: abafundi bonke - Nquma ukuthi abafundi bazofunda ngamunye, noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili uma bezofunda ngababili. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela, futhi baxoxe ngesithombe nangendaba. Kufanele benze lokhu ngokungabangi umsindo. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 4 no-5 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. Uma kudingeka, bakhumbuze ngendlela yokufunda ukupela amagama. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.											
<table border="1"> <tr> <td>Abafundi bonke</td><td>1</td><td>2</td><td>3</td><td>4</td><td>5</td></tr> </table>						Abafundi bonke	1	2	3	4	5
Abafundi bonke	1	2	3	4	5						
<table> <tr> <td colspan="2">HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA</td><td colspan="4"> - Funda amagama afundwayo. - Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka. </td></tr> </table>						HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA		- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.			
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA		- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.									

DAY / USUKU 5

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Testing phonic knowledge IMISINDO: Ukuhlola ulwazi lwemisindo
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Buyekeza imisindo efundwe eBangeni loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili - Ngale themu kulindeleke ukuba abafundi bafunde imisindo elandelayo: nc, nd, ng, nj, nk, nq, nt, nx, ns, ny, nz - Zifundise ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni. - Zifundise ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe - Zifundise ukuhlukanisa amagama ngezinhlamvu nangemisindo eziyakhile isib. i-nce-nce/i-n-c-e-n-c-e - Zifundise ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo - Buyekeza imisindo enhlamvumbili efundiwe
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Izincwadi zokuhlolwa, - Amapensela

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukuhlola kwamagama anomsindo nj

- Cela abafundi ukuba:
 - babhale isihloko **Isivivinyo Sesibizelo** kanye nosuku emgqeni ofanayo ezincwadini zabo zemisindo nezokubhala ngesandla.
 - bagoqe ikhasi libe wuhhafu, bese bebhala izinombolo 1-5 eduze komugqa, no 6-10 zehle phakathi nendawo nekhasi.
- Biza inombolo 1 bese ubiza igama lokuqala lesibizelo.
- Abafundi kufanele babhale ngobunono igama eduze kwenombolo 1.
- Uma bengakwazi ukubhala igama lelo mababhale udwi eduze kwenombolo.
- Ekugcineni kwesivivinyo, tshela abafundi ukuthi bazozimakela bona ezincwadini zabo.
- Bhala igama lokuqala ebhodini.
- Tshela abafundi babeke uphawu egameni abalibhale kahle, noma isiphambano uma bengalibhalanga kahle. Uma igama lingabhalaliwe kahle kufanele balibhale kahle.
- Qhubeka ngendlela efanayo kuwo wonke amagama.
- Uma abafundi sebeqedile ukumaka, thatha izincwadi zabafundi zokubhala bese uqaphela labo bafundi abangabhalanga kahle amagama angaphezu kukahhafu ukuze ubelekelele.
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

Isivivinyo sesibizelo	Usuku
1. intambo	6. injoloba
2. uNjabulo	7. iminjunju
3. intuthwane	8. injini
4. ntinyela	9. intonga
5. intaba	10. injalo

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Sidlala ungize</i> amakhasi 5–8 - Izincwadi ze-DBE amakhasi 18, 19

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda indaba bese bekokelezela izimpendulo zemibuzo ezilungile Abafundi bonke - Cela abafundi ukuba bavule ekhasini le-18, 19 ezincwadini zabo ze-DBE. Kufanele bafunde indaba bese bekokelezela uhlamvu olunempendulo eqondile ekhasini le-19. - Maka umsebenzi uma usuphelile. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 1 no-2 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bhala okungenani imisho emi-3 yezindaba zakho usebenzise imisindo efundiwe kanye namagama avame ukubonwa, osonhlamvukazi kanye nongqi - Yakha inqolobane yamagama nesichazamazwi sakho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi ze-DBE ikhasi 28, 29
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala imisho emayelana nezithombe - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe nezincwadi zabo ze-DBE ezivulwe ekhasini lama-28 no-29 kanye namapensela emadeskini abo. - Hlola ukuthi bonke bazibhale kahle yini izinombolo zezithombe. - Cela abafundi abambalwa ukuba baxoxele ikhosi indaba emayelana nesethi yesibili kanye neyesithathu yezithombe ezintathu. Bakhumbuze ukuthi lokhu bakwenzile esifundweni esedlule; bakhumbuze ukuba baxoxe indaba ngokulandelana kahle kwayo... - Batshele babhale umusho owodwa ngesithombe ngasinye eceleni kwezizinombolo 1, 2 no-3 kuyisethi yesibili neyesithathu yezithombe. - Thatha izincwadi bese umaka umsebenzi. Hlola ukuthi imisho iyahambelana yini nezithombe, amagama apelwe kahle yini nanokuthi imisho inezimpawu zokubhala ezifanele yini. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

WEEK / ISONTO 6

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	7 hours / amahora ayisi-7
---------------------------------------	---------------------------

READING: GROUP GUIDED READING: ASSESSMENT UKUFUNDA: UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO: UKUHLOLA

Bheka Imisebenzi Yokuhlola Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo.

DAY / USUKU 1

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING and SPEAKING ASSESSMENT GROUP 5 UKULALELA NOKUKHULUMA UKUHLOLA IQEMBU 5 Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes: 5 minutes morning oral work; 25 minutes: activity / imizuzu engama-30: 5 imizuzu yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; imizuzu engama-25: umsebenzi

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	PHONICS: Introduce the sound ny IMISINDO: Yethula umsindo ny
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Buyekeza imisindo efundwe eBangeni loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili - Ngale themu kulindeleke ukuba abafundi bafunde imisindo elandelayo: nc, nd, ng, nj, nk, nq, nt, nx, ns, ny, nz - Zifundise ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni - Zifundise ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe - Zifundise ukuhlukanisa amagama ngezinhlamvu nangemisindo eziyakhile isib. i-nce-nce/i-n-c-e-n-c-e - Yakha imisho okungenani eyishumi ngesonto usebenzisa imisindo efundiwe - Zifundise ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo. - Buyekeza imisindo enhlamvumbili efundiwe - Zifundise ukubona umsindo wokuqala egameni isib. <u>n</u>coma
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ifleshi-khadi yomsindo: ny - Imisindo yamagama: inyanga, inyama, nyonyoba, inyamazane, inyoni - Izincwadi zomsebenzi wasekhaya

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo ny kanye namagama anomsindo ny

- Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi akho, yenza ikhophi yohlu lwamagama esibizelo ozolunikeza umfundi ngamunye, bese ubhala amagama esibizelo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: **Amagama esibizelo anomsindo ny.**
- Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele.
- Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi basho emva kwakho.
- Khombisa abafundi ifleshi-khadi uphinde izikhathi ezimbalwa.
- Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo okufleshi-khadi.
- Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo bese ucela basho igama layo.
- Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomsindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo.
- Dwebela umsindo emagameni esibizelo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye, wehlukanise ngemisindo nangamalunga.
- Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya bese bekopisha amagama esibizelo asebhodini noma banamathisele amaphepha anala magama ngaphansi kwesihloko. Bazofunda lawa magama emsebenzini wasekhaya.
- Cela abafundi ukuba babhale umusho ngegama ngalinye okuwukuthi imisho emi-4.
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	HANDWRITING ASSESSMENT UKUBHALA NGESANDLA UKUHLOLA Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	Funda amagama afundwayo

DAY / USUKU 2

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	READING: GROUP GUIDED READING: Assessment (Group 1) UKUFUNDA: UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO: Ukuhlola (Iqembu 1) Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	READING: GROUP GUIDED READING: Assessment (Group 2) UKUFUNDA: UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO: Ukuhlola (Iqembu 2) Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda incwadi neklasi lonke nothisha (ukufunda ngokuhlanganyela) bese uchaza ingqikithi yendaba - Bona imininingwane emqoka kulokho obekufundwa njengokulandelana kwezehlakalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Ukufunda Ngokuhlanganyela – Incwadi ye-DBE ikhasi 34

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukulalela indaba, ukuchaza ingqikithi yendaba kanye nokuxoxa indaba ngokulandelana kwayo

- Hlalisa kahle abafundi.
- Fundela abafundi indaba esekhasini lama-34 encwadini ye-DBE ngezwi elicacile, nelizwakala kahle.
- Buza umfundi ngamunye imibuzo elandelayo:
 - Ngitshele ukwaziswa okunikezwe kule ndaba ngokulandelana kwako. (Enye intombazane, uMimi unomndeni omncane. UJabu unomndeni omkhulu. Abanye abantwana abanaye umama noma umndeni. Abanye abantu banezilwane ezifuywa ekhaya)
 - Iyini ingqikithi yale ndaba? (abantwana banemindeni eyahlukahlukene) 1 imaki
 - Ingabe uyithandile le ndaba? Kungani kunjalo? Kungani kungenjalo? 1 imaki (ngesizathu esinengqondo esisekela uyebo/ucha wabo)
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.
---------------------------------------	---

DAY / USUKU 3

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Introduce the sound <i>nz</i> IMISINDO: Yethula umsindo <i>nz</i>
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Buyekeza imisindo efundwe eBangeni loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili • Ngale themu kulindeleke ukuba abafundi bafunde imisindo elandelayo: nc, nd, ng, nj, nk, nq, nt, nx, ns, ny, nz • Zifundise ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Zifundise ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe • Zifundise ukuhlukanisa amagama ngezinhlamvu nangemisindo eziyakhile isib. i-nce-nce/i-n-c-e-n-c-e • Yakha imisho okungenani eyishumi ngesonto usebenzisa imisindo efundiwe • Zifundise ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo • Buyekeza imisindo enhlamvumbili efundiwe • Zifundise ukubona umsindo wokuqala egameni isib. <u>N</u>coma
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Ifleshi-khadi yomsindo: nz • Imisindo yamagama: yinzululwane, izenzo, izinzipho, inzuzo, inzalo • Incwadi yomsebenzi wasekhaya

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo *nz* kanye namagama anomisindo *nz*

- Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi akho, yenza ikhophi yohlu lwamagama esibizelo ozolunikeza umfundi ngamunye, bese ubhala amagama esibizelo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: **Amagama esibizelo anomisindo *nz*.**
- Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele.
- Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi basho emva kwakho.
- Khombisa abafundi ifleshi-khadi uphinde izikhathi ezimbalwa.
- Cella amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo okufleshi-khadi.
- Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo bese ucela basho igama layo.
- Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomisindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo.
- Dwebela umsindo emagameni esibizelo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye, wehlukanise ngemisindo nangamalunga.
- Cella abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya bese bekopisha amagama esibizelo asebhodini noma banamathisele amaphepha anala magama ngaphansi kwesihloko. Bazofunda lawa magama emsebenzini wasekhaya.
- Cella abafundi ukuba babhale umusho ngegama ngalinye okuwukuthi imisho emi-3.
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Bamba ipensela ubeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele • Bhala osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane (izinhlamvu ze-alfabethi ezingama-26) ngendlela efanele • Bhala amagama uwahlukanise kahle ngezikhala phakathi kwezinhlamvu namagama • Kopisha bese ubhala imisho emibili noma ngaphezulu ngendlela efanele • Bhala uphinde usebenzise izimpawu zokukhanyisa (ongqi, uphawu lombuzo, izibabazi)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukukopisha umusho Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. • Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. • Tshela abafundi baqaphelisise lapho ubhala umusho (onikezwe ngezansi) ebhodini. • Funda umusho kanye nabafundi, bese uhlola ukuthi bayakuqonda yini okushoyo. • Khumbuza abafundi lapho kufanele baqale khona ohlamvini ngalunye nalapho kufanele baqhubekele khona. • Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa, isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu; ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, ukungabhalwa emgqeni. • Khumbuza abafundi ukuthi umusho uqala ngosonhlamvukazi futhi ugcine ngongqi. • Bakhuthaze ukuba babhale ngokushesha, kodwa ngokucophelela. • Njengoba abafundi besebenza, hamba phakathi kwabo ulungisa amaphutha futhi unikeze usizo kubafundi. • Khumbuza abafundi ukuthi bangabuka ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, esemadeskini abo kanye nasebhodini. • Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Umusho	• Njalo uhlala phambili.

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	READING: GROUP GUIDED READING: Assessment (Group 3) UKUFUNDA: UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO: Ukuhlola (Iqembu 3) Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30

ACTIVITY 4 UMSEBENZI 4	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Humusha izithombe kanye nokunye kwemithombo yabezindaba. Isib. isithombe noma isikhangiso, ukuze wakhe indaba yakho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Isithombe sesibili kwezintathu ozikhethile

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukuhumusha isithombe ukuze wenze indaba • Hlalisa kahle abafundi. ◦ Bonisa abafundi isithombe osikhethile futhi ucele abafundi abehlukile kwabesifundo esedlule ukuba babheke isithombe bese benza indaba emayelana nesithombe. Ukwaziswa okusendabeni kufanele kulandelane kahle, futhi kuhlobane nesithombe. • Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

DAY / USUKU 4

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING UKULALELA NOKUKHULUMA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes: 5 minutes morning oral work; 10 minutes: activity / imizuzu eyi-15: 5 imizuzu yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; imizuzu engama-10: umsebenzi
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Lalela imiyalelo enezingxenywe ezimbili bese wenza ngokufanele (isib. Qoqa amakhrayoni uwabeke eshalofini)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Iphepha le-A4; amapensela

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukulalela kanye nokwenza njengokwemiyalelo

Ngaphambi kwalesi sifundo yenza yonke imiyalelo engezansi ephepheni ukuze ube nesibonelo ongasibonisa abafundi ekugcineni kwesifundo.

- Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe namaphepha e-A4 kanye namapensela emadeskini abo.
- Tshela abafundi ukuthi uzobanika imiyalelo futhi kufanele benze njengokomyalelo.
- Nikeza imiyalelo elandelayo:
 - Dweba umuntu phakathi nendawo ephepheni.
 - Bhala igama lakho eceleni komuntu.
 - Dweba indilinga ekhoneni elingenhla kwesokunxele.
 - Dweba isikwele ezansi ekhoneni lesokudla.
- Khombisa abafundi isibonelo sakho futhi kufanele bazimakele umsebenzi wabo.
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bhala okungenani imisho emi-3 yezindaba zakho usebenzise imisindo efundiwe kanye namagama avame ukubonwa, osonhlamvukazi kanye nongqi - Yakha inqolobane yamagama nesichazamazwi sakho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi ze-DBE amakhasi 57

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukubhala imisho emayelana nesithombe

- Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe nezincwadi zabo ze-DBE ezivulwe ekhasini lama-57 kanye namapensela emadeskini abo.
- Batshela ukuthi namuhla bazobhala imisho emi-3 emayelana nesithombe esisekhasini lama-57.
- Cela abafundi aba-2 bakutshela ukuthi yini abazoyibhala bese ubhala imisho yabo emi-3 ebhodini. Bonisa indlela abakwenza ngayo lokhu noma engahlobani ngayo nesithombe futhi ugcizelele ukuthi kufanele ibe mayelana nesithombe.
- Funda le misho kanye nabafundi bese uyicima.
- Tshela abafundi ukuba bazibhalele eyabo imisho emi-3.
- Hamba uzungeze phakathi kwabo unikeze usizo uma kudingeka.
- Thatha izincwadi bese umaka umsebenzi.
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	READING: GROUP GUIDED READING: Assessment (Group 4) UKUFUNDA: UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO: Ukuhlola (Iqembu 4) Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30

DAY / USUKU 5

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS: Testing phonic knowledge IMISINDO: Ukuhlola ulwazi lwemisindo
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Buyekeza imisindo efundwe eBangeni loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili • Ngale themu kulindeleke ukuba abafundi bafunde imisindo elandelayo: nc, nd, ng, nj, nk, nq, nt, nx, ns, ny, nz • Zifundise ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni • Zifundise ukwakha amagama ngemisindo efundisiwe • Zifundise ukuhlukanisa amagama ngezinhlamvu nangemisindo eziyakhile isib. i-nce-nce/i-n-c-e-n-c-e • Zifundise ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda. imisindo • Buyekeza imisindo enhlamvumbili efundiwe
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Incwadi zokuhlolwa

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukuhlolwa kwamagama anomsindo nz

- Cela abafundi ukuba:
 - babhale isihloko **Isivivinyo Sesibizelo** kanye nosuku emgqeni ofanayo ezincwadini zabo zemisindo nezokubhala ngesandla.
 - bagoqe ikhasi libe wuhhafu, bese bebhala izinombolo 1-5 eduze komugqa, no 6-10 zehle phakathi nendawo nekhasi.
- Biza inombolo 1 bese ubiza igama lokuqala lesibizelo.
- Abafundi kufanele babhale ngobunono igama eduze kwenombolo 1.
- Uma bengakwazi ukubhala igama lelo mababhale udwi eduze kwenombolo.
- Ekugcineni kwesivivinyo, tshela abafundi ukuthi bazozimakela bona ezincwadini zabo.
- Bhala igama lokuqala ebhodini.
- Tshela abafundi babeke uphawu egameni abalibhale kahle, noma isiphambano uma bengalibhalanga kahle. Uma igama lingabhalaliwe kahle kufanele balibhale kahle.
- Qhubeka ngendlela efanayo kuwo wonke amagama.
- Uma abafundi sebeqedile ukumaka, thatha izincwadi zabafundi zokubhala bese uqaphela labo bafundi abangabhalanga kahle amagama angaphezu kukahhafu ukuze ubelekelele.
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

Isivivinyo sesibizelo		Usuku
1. inyama		6. nyonyoba
2. inyoni		7. inzuzo
3. izinzipho		8. inzalo
4. inzondo		9. inyamazane
5. yinzululwane		10. izenzo

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	READING: GROUP GUIDED READING: Assessment (Group 5) UKUFUNDA: UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO: Ukuhlola (Iqembu 5) Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Nikeza imibono namagama uma kubhalwa indaba yeklassi ngesikhathi sokubhala ngokuhlanganyela
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Izincwadi zokubhala, amapensela - Iphosta – <i>Ukuphila Impilo Enhle, Ukudla Okunempilo</i>
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala indaba kanye nabafundi bonke - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele bonke bakwazi ukubona iphosta. - Tshela abafundi ukuthi bazobhala indaba emayelana nale phosta. Ufuna bonke banikeze imibono noma amagama okwenza indaba ithakazelise. Njengoba benikeza imibono kanye namagama uzobhala lokho ebhodini bese ubhala indaba abazoyikopishela ezincwadini zabo. - Cela abafundi abehlukela ukuba bakutshela amagama abantwana, ukuthi yini abayenzayo kanye nokuthi kungani benza lokhu abakwenzayo kuphosta, siyini isiqalo, umzimba kanye nesiphetho sendaba. - Bhala imibono namagama abafundi abawasebenzisayo ebhodini. - Yibe usubhala indaba emfushane ecishe ibe yimisho eyisi-7 ngokwalokho abakushilo. - Abafundi bazokopishela indaba ezincwadini zabo esifundweni esilandelayo, ngakho ungayicimi indaba. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

WEEK / ISONTO 7

TOTAL TIME / ISAMBA SESIKHATHI	7 hours / amahora ayisi-7
---	---------------------------

GROUP GUIDED READING FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU ALAWULWAYO KWESONTO

FLASHCARDS / AMAFLESHI-KHADI	uLwazi, ukwazi, umfanekiso, encwadini, yolwazi
BOOK / INCWADI	Izinyo amakhasi 1–4

GROUP GUIDED READING: ORAL COMPREHENSION QUESTIONS FOR THE WEEK UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO: IMIBUZO YESIFUNDO SOKUQONDISISA EPHENDULWA NGOMLOMO NGESONTO

- Yini ayithola phansi ngelinye ilanga uLwazi? (Izinyo)
- Umfanekiso waziphi izilwane uLwazi azibona encwadini yezilwane? (Izinyoka, amabhubesi, amabuzi, amalulwane, izinyosi)
- Elikabani izinyo elatholwa uLwazi? (elikaBhekile)
- Bahlobene kanjani oBhekile noLwazi? (uBhekile udadewabo kaLwazi)
- Sikhona yini isilwane ebe sinezinyo elifana nelaliphethwe uLwazi? (Sasingekho)
- Bhekisisa imifanekiso esendabeni bese unikeza isihloko ocabanga ukuthi sifanele indaba. (Impendulo yomfundi.)
- Kungani uLwazi ayezikhathaza ngalelizinyo? (Impendulo yomfundi.)
- Uwubona kuphi umfanekiso wenyoka uLwazi? (Encwadini yolwazi lwezilwane.)
- Kungabe amazinyo ebhubesi ayafana yini naleli eliphethwe uLwazi? (Cha awafani.)

DAY / USUKU 1

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING UKULALELA NOKUKHULUMA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes: 5 minutes morning oral work; 25 minutes activity / imizuzu engama-30: 5 imizuzu yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; 25 imizuzu: umsebenzi Emsebenzini wokukhuluma, abafundi bakhuluma ngosuku, isimo sezulu nangezehlakalo ezikhethekile, baxoxe izindaba, balalele ngaphandle kokuphazamisa, bacule amaculo futhi bawanyakazele. Ngokubonisa futhi uxoxe, ungacela abafundi abambalwa ukuba beze nento ekhaya abazotshela ikhosi ngayo.
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Lalela indaba ngokuyijabulela ubuye uphendule imibuzo ehlobene nendaba - Phinda ukulandelana kwezigameko ngokulandelana kwazo endabeni
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE ikhosi 26, 27

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI

Injongo yesifundo: Ukuqonda ukulandelana kwezigameko endabeni

- Hlalisa kahle abafundi. Izincwadi zabo ze-DBE kufanele zivulwe ekhasini lama-26, 27.
- Tshela abafundi ukuthi indaba iba nokuhleleka kolwazi olunikeziwe, ukulandelana – lokho okuza kuqala, okulandelayo, kanye nokokugcina; uma izigameko endabeni zihlelwe ngokuthi yini eza kuqala, yini elandelayo kanye nokuthi yini eza ekugcineni zisuke zinokulandelana. Batshela ukuba balalele ngokucophelela indaba ngoba emva kokuba indaba isifundiwe bazophendula imibuzo futhi batshela ikhosi ukulandelana, nokuhleleka kwezigameko endabeni.
- Fundela abafundi indaba.
- Yisho lokhu: **Ukulandelana kwale ndaba kuwukuthi uDeda akawuthandi umsebenzi wasekhaya. Angamane ayodlala. Uthisha wakhe wamtshela ukuba afunde bese enza umsebenzi wasekhaya ngaphambi kokuyodlala ibhola likanobhutshuzwayo. Ufuna ukukhahlela ibhola nokugijima uma efika ekhaya. Umama wakhe uhlola umsebenzi wakhe wasekhaya futhi uthanda ukubuka izincwadi zakhe zesikole.**
- Cela abafundi aba-3 ukuba bachazele ikhosi ukuthi indaba ilandelana kanjani.
- Yibe usubuza imibuzo elandelayo:
 - Yini uDeda angayithandi? (umsebenzi wasekhaya)
 - Yini uDeda angayenza kunokuba enze umsebenzi wasekhaya? (angamane adlale)
 - Ngabe uyawenza umsebenzi wakhe wasekhaya? (yebo)
 - Ubani ohlola umsebenzi wakhe wasekhaya? (umama wakhe)
- Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	PHONICS: Introduce the sound <i>ns</i> IMISINDO: Yethula umsindo <i>ns</i>
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Buyekeza imisindo efundwe eBanga loku-1 enhlamvunye nenhlamvumbili - Ngale themu kulindeleke ukuba abafundi bafunde imisindo elandelayo: nc, nd, ng, nj, nk, nq, nt, nx, ns, ny, nz - Zifundise ukubona imisindo efundiwe egameni nasemishweni - Zifundise ukwakha amagama ngemisindo efundiwe - Zifundise ukuhlukanisa amagama ngezinhlamvu nangemisindo eziyakhile isib. i-nce-nc/i-n-c-e-n-c-e - Yakha imisho okungenani eyishumi ngesonto usebenzisa imisindo efundiwe - Zifundise ukupela amagama afundwe ngesikhathi sokufunda imisindo - Buyekeza imisindo enhlamvumbili efundiwe - Zifundise ukubona umsindo wokuqala egameni isib. <u>nc</u>oma
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ifleshi-khadi yomsindo: ns - Imisindo yamagama: insila, insipho, izinsuku, insimbi, insumpa, insabula, insengwakazi, injakazi, insizwa, inkangala - Incwadi yomsebenzi wasekhaya

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukufunda umsindo ns, ukubhala amagama nemisho enomsindo ns - Ngaphambi kwalo msebenzi, lungisa amafleshi-khadi akho, yenza ikhophi yohlu lwamagama esibizelo ozolunikeza umfundi ngamunye, bese ubhala amagama esibizelo ebhodini ngaphansi kwesihloko esithi: Amagama esibizelo anomsindo ns. - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Yisho umsindo izikhathi ezimbalwa, abafundi basho emva kwakho. - Khombisa abafundi ifleshi-khadi uphinde izikhathi ezimbalwa. - Cela amaqembu kanye nabafundi ngamunye ukuba bafunde umsindo okufleshi-khadi. - Khombisa abafundi into noma isithombe sento enegama elinalo msindo bese ucela basho igama layo. - Buza abafundi ukuthi bangawabona yini amanye amagama anomsindo ofundiwe – phinda amagama ugcizelele umsindo. - Dwebela umsindo emagameni esibizelo asebhodini, bese ubiza igama ngalinye, wehlukanise ngemisindo nangamalunga. - Cela abafundi babhale usuku ezincwadini zabo zomsebenzi wasekhaya bese bekopisha amagama esibizelo asebhodini noma banamathisele amaphepha anala magama ngaphansi kwesihloko. Bazofunda lawa magama emsebenzini wasekhaya. - Tshela abafundi ukuba bakhethe amagama ama-4 bese bebhala umusho ngegama ngalinye okuwukuthi imisho emi-4. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bamba ipensela ubeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele - Bhala osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane (izinhlamvu ze-alfabethi ezingama-26) ngendlela efanele - Bhala amagama uwahlukanise kahle ngezikhala phakathi kwezinhlamvu namagama
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukukopisha amagama anomsindo ns - Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi baqaphelisise lapho ubhala amagama (anikezwe ngezansi) ebhodini. - Khumbuza abafundi ngendlela yokwenza izinhlamvu ezincane ngalinye. - Khumbuza abafundi lapho kufanele baqale khona ohlamvini ngalinye nalapho kufanele baqhubekele khona. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa, isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu; ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, ukungabhali emgqeni. - Lapho abafundi bebhala, hamba uzungeza phakathi kwabo ulungisa amaphutha futhi uhlale lokho abakwenzile, ubasize lapho kudingeka khona. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabuka ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, esemadeskini abo kanye nasebhodini. - Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. Uma kudingeka, bakhumbuze ngendlela yokufunda ukupela amagama. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Amagama	insila, insipho, izinsuku, insimbi, insumpa, insabula, insengwakazi, insika, insizwa, inselele
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	Funda amagama afundwayo.

DAY / USUKU 2

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Izinyo amakhasi</i> 1–4 - Amafleshi-khadi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho – uLwazi, ukwazi, umfanekiso, encwadini, yolwazi				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Ukulalela indaba kanye nokufunda amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho Ukulungiselela Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: abafundi bonke - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Fundela abafundi indaba yonke. - Phakamisa ifleshi-khadi ngalinye bese usho igama kabili ngokucacile, abafundi bekubhekile futhi bekulalele. - Uma kunesidingo, chazela abafundi ukuthi igama lisho ukuthini ngokwenza umnyakazo, nokubakhombisa leyo nto noma isithombe sayo. - Cela abafundi bonke bafunde igama, bese ucela iqembu ngalinye kanye nomfundi ngamunye. - Yethula igama elilandelayo ngendlela efanayo. - Yibe usuphakamisa amagama omabili, ucele abafundi ukuthi bafunde amagama. - Qhubeka ngendlela efanayo kuze kube yilapho onke amagama alesi sifundo esefundiwe. - Tshela abafundi ukuba bakhuphe Amaphepha Okufunda noma bavule Izincwadi Zomsebenzi Wasekhaya Emaphepheni abo Okufunda. - Abafundi kufanele basebenzise umbala owodwa ukubeka uphawu emagameni abawafundile. - Ngomsebenzi wasekhaya, kufanele bazilolonge ngokufundela abanye ngokuphimsela ekhaya noma emiphakathini yabo. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – <i>Izinyo amakhasi</i> 1–4 - Izincwadi ze-DBE amakhasi 42, 43				

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda imisho bese bebhala izinhlamvu Abafundi bonke - Cela abafundi ukuba bavule amakhasi 42, 43 ezincwadini ze-DBE. Kufanele bafunde imisho, babeke uphawu ku-yebo, isiphambano uma kuwu-cha bese bebhala izinhlamvu. - Maka umsebenzi uma usuphelile. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 1 no-2 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuza ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda incwadi neklasi lonke nothisha (ukufunda ngokuhlanganyela) bese uchaza ingqikithi yendaba - Bona imininingwane emqoka kulokho obekufundwa njengokulandelana kwezehlakalo
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi ye-DBE ikhasi 50
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukulalela indaba, ukuchaza ingqikithi yendaba kanye nokuxoxa indaba ngokulandelana kwayo - Hlalisa kahle abafundi. - Fundela abafundi indaba esekhasini lama-50 encwadini ye-DBE ngezwi elicacile, nelizwakala kahle. - Buza umfundi ngamunye imibuzo elandelayo: - Ngitshele ukwaziswa okunikezwe kule ndaba ngokulandelana kwako. - Iyini ingqikithi yale ndaba? (sonke kufanele sisize ekhaya) - Ingabe uyithandile indaba? Kungani kunjalo? Kungani kungenjalo? - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.

DAY / USUKU 3	
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS ASSESSMENT WHOLE CLASS IMISINDO UKUHLOLA ABAFUNDI BONKE Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	HANDWRITING UKUBHALA NGESANDLA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Bamba ipensela ubeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele - Bhala osonhlamvukazi kanye nezinhlamvu ezincane (izinhlamvu ze-alfabethi ezingama-26) ngendlela efanele - Bhala amagama uwahlukanise kahle ngezikhala phakathi kwezinhlamvu namagama - Kopisha bese ubhala imisho emibili noma ngaphezulu ngendlela efanele - Bhala uphinde usebenzise izimpawu zokukhanyisa (ongqi, uphawu lombuzo, izibabazi)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Incwadi yemisindo neyokubhala ngesandla
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukukopisha umusho - Ngaphambi kokuba uqale isifundo, dweba imigqa yokubhala ngesandla ebhodini. - Hlalisa kahle abafundi uqiniseke ukuthi bakunakile futhi bakulalele. - Tshela abafundi baqaphelisise lapho ubhala umusho (onikezwe ngezansi) ebhodini. - Funda umusho kanye nabafundi, futhi uhlole ukuthi bayakuqonda yini okushoyo. - Khumbuza abafundi lapho kufanele baqale khona ohlamvini ngalunye nalapho kufanele baqhubekele khona. - Khumbuza abafundi ngamaphutha avame ukwenzeka lapho kubhalwa, isibonelo: ukungavalwa ncamashi kwezinhlamvu; ukuvumela umbhalo ube mkhulu noma ube mncane kakhulu, ukungabali emgqeni. - Khumbuza abafundi ukuthi umusho uqala ngosonhlamvukazi futhi ugcine ngongqi. - Bakhuthaze ukuba babhale ngokushesha, kodwa ngokucophelela. - Njengoba abafundi besebenza, hamba phakathi kwabo ulungisa amaphutha futhi unikeze usizo kubafundi. - Khumbuza abafundi ukuthi bangabuka ukuthi kubhalwa kanjani encwadini yabo yesibonelo sokubhala ngesandla, esemadeskini abo kanye nasebhodini. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
Umusho	Ulijikijela kakhulu liye kude.

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED/INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI/ NGOKUZIMELA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo - Funda ngokuzimela
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – Izinyo amakhasi 1–4 - Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela – incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi Yokufunda Ngokuhlanganyela noma incwadi Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika

ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
Injongo yesifundo: Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili nangokuzimela					
Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela: abafundi bonke • Nquma ukuthi abafundi bazofunda ngamunye, noma ngababili. • Hlela abafundi ngababili uma bezofunda ngababili. • Banikeze izincwadi. • Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimsela, futhi baxoxe ngesithombe nangendaba. Kufanele benze lokhu ngokungabangi umsindo. • Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela.					
Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 3 no-4 • Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. • Buza abafundi imibuzo yokupondisa ephendulwa ngomlomo. • Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzela ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. • Hlola abafundi bese wenza amanothi. • Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 4 UMSEBENZI 4	SHARED READING UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes / imizuzu eyi-15
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	• Humusha izithombe kanye nokunye kwemithombo yabezindaba. Isib. isithombe noma isikhangiso, ukuze wakhe indaba yakho
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	• Isithombe sesithathu kwezintathu ozikhethile
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukuhumusha isithombe ukuze wenze indaba	
• Hlalisa kahle abafundi. ◦ Bonisa abafundi isithombe osikhethile futhi ucele abafundi abehlukile kwabezifundo ezimbili ezedlule ukuba babheke isithombe bese benza indaba emayelana nesithombe. Ukwaziswa okusendabeni kufanele kulandelane kahle, futhi kuhlobane nesithombe. • Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA	• Funda amagama afundwayo. • Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.

DAY / USUKU 4

ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	LISTENING AND SPEAKING UKULALELA NOKUKHULUMA
TIME / ISIKHATHI	15 minutes: 5 minutes morning oral work; 10 minutes activity / Imizuzu eyi-15: 5 imizuzu yomsebenzi wokukhuluma wasekuseni; 10 imizuzu: umsebenzi Emsebenzini wokukhuluma, abafundi bakhuluma ngosuku, isimo sezulu nangezehlakalo ezikhethekile, baxoxe izindaba, balalele ngaphandle kokuphazamisa, bacule amaculo futhi bawanyakazele. Ngokubonisa futhi uxoxe, ungacela abafundi abambalwa ukuba beze nento ekhaya abazotshela ikhosi ngayo.
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Lalela imiyalelo enezingxenywe ezimbili noma ezintathu, ezimemezelo bese wenza ngokufanele (isib. Qoqa amakhayoni uwabeke eshalofini)
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Iphepha le-A4; amapensela
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukulalela kanye nokwenza njengokwemiyalelo <u>Ngaphambi kwalesi sifundo</u> yenza yonke imiyalelo engezansi ephepheni ukuze ube nesibonelo ongasibonisa abafundi ekugcineni kwesifundo. - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele babe namaphepha e-A4 kanye namapensela emadeskini abo. - Tshela abafundi ukuthi uzobanikeza imiyalelo isib. bhala igama lakho ekhoneni elingenhla ngakwesokudla lephepha ngokuvumelana nomyalo. - Nikeza imiyalelo elandelayo: - Dweba isiphambano phakathi nendawo ephepheni. - Bhala igama lakho ekhoneni elingenhla kwesokudla. - Dweba indilinga ekhoneni elisezansi ngakwesobunxele. - Bhala igama elithi umama ekhoneni elingenhla ngakwesobunxele. - Khombisa abafundi isibonelo sakho futhi kufanele bazimakele umsebenzi wabo. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Nikeza imibono namagama uma kubhalwa indaba yekhosi ngesikhathi sokubhala ngokuhlanganyela
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Izincwadi zokubhala, amapensela - Iphostha – <i>Ukuphila Impilo Enhle, Ukudla Okunempilo</i>
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
Injongo yesifundo: Ukubhala indaba kanye nafundi bonke - Hlalisa kahle abafundi. Kufanele bonke bakwazi ukubona iphostha. - Funda indaba oyibhale kanye nabafundi esifundweni sokubhala esedlule. - Abafundi abakopishele indaba ezincwadini zabo. - Maka umsebenzi uma usuphelile. - Noma yimuphi umfundi oqeda ngaphambi kokuphela kwesifundo makadwebe isithombe ngaphansi kwendaba. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.	

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	GROUP GUIDED READING AND PAIRED/INDEPENDENT READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO NOKUFUNDA NGABABILI/NGOKUZIMELA					
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30					
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimisela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo - Funda ngokuzimela					
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – Izinyo amakhasi 1–4 - Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela – incwadi yomfundi ngamunye noma incwadi Yokufunda Ngokuhlanganyela noma incwadi Yokufunda Ngamaqembu Okulawulwayo esifundiwe noma incwadi yezindaba zase-Afrika					
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI						
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bafunda ngababili/ngokuzimela Ukufunda Ngababili/Ngokuzimela: abafundi bonke - Nquma ukuthi abafundi bazofunda ngamunye, noma ngababili. - Hlela abafundi ngababili uma bezofunda ngababili. - Banikeze izincwadi. - Chazela abafundi ukuthi labo abafunda ngababili kumele bashintshane ngokufundelana ngokuphimisela, futhi baxoxe ngesithombe nangendaba. Kufanele benze lokhu ngokungabangi umsindo. - Vumela abafundi bafundele ngaphakathi noma ngaphandle kwegumbi lokufundela. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 5 no-1 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakumbuzwa ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Nikeza abafundi umsebenzi wabo wasekhaya bese uhlola ukuthi bayakwazi yini okufanele bakwenze. Uma kudingeka, bakhumbuze ngendlela yokufunda ukupela amagama. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.						
Abafundi bonke		1	2	3	4	5
HOMEWORK / UMSEBENZI WASEKHAYA		- Funda amagama afundwayo. - Fundela othile ekhaya noma emphakathini amagama owafunda ngokuwabuka.				

DAY / USUKU 5	
ACTIVITY 1 / UMSEBENZI 1	PHONICS ASSESSMENT WHOLE CLASS IMISINDO UKUHLOLA ABAFUNDI BONKE Lo msebenzi wokuhlola ungatholakala encwadini yokuhlele neyokuthungatha
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30

ACTIVITY 2 / UMSEBENZI 2	GROUP GUIDED READING UKUFUNDA NGAMAQEMBU OKULAWULWAYO				
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30				
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	- Funda kuzwakale incwadi esezingeni lakho eqenjini Lokufunda Elilawulwa uthisha - Sebenzisa izithombe ezisembhalweni ukuze uqonde - Sebenzisa amagama abonakala njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya uhlaka, nokuzakhela umqondo wendaba uma kufundwa - Bonisa ukuqonda izimpawu zokubhala uma ufunda kuzwakale uphimsela - Qhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonayo				
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	- Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo – Izinyo amakhasi 1–4 - Izincwadi ze-DBE amakhasi 51, 54, 55				
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI					
<u>Injongo yesifundo:</u> Umfundi ngamunye eqenjini ufunda amakhasi encwadini; abafundi bonke bayafunda Abafundi bonke - Cela afundi bavule ekhasini lama-50 nelama-51 ezincwadini zabo ze-DBE. Kufanele bafunde imisho, bathike uyebo, isiphambano uma kuwucha bese bebhala izinhlamvu kuwo omabili emakhasini. Maka umsebenzi uma usuphelile. Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwayo: Amaqembu 2 no-3 - Lalela umfundi ngamunye efunda ikhasi elilodwa encwadini efundwayo. - Buza abafundi imibuzo yokuqondisa ephendulwa ngomlomo. - Uma kudingeka, sekela abafundi ngokubakhumbuzo ukuba babize amagama, bakhumbuze nganoma yimaphi amagama afundwa ngokubukwa bese uwasho ekhasini abalifundayo, futhi usikisele ukuba basebenzise izithombe ukubasiza baqonde lokho abakufundayo. - Hlola abafundi bese wenza amanothi. - Cabanga bese ubhala ukuthi lesi sifundo sihambe kanjani.					
Abafundi bonke	1	2	3	4	5

ACTIVITY 3 / UMSEBENZI 3	WRITING UKUBHALA
TIME / ISIKHATHI	30 minutes / imizuzu engama-30
CONTENT CONCEPTS SKILLS / OKUQUKETHWE ULWAZI AMAKHONO	Bhala uhla lwezinto eziyimisebenzi yosuku usebenzise ukhefana ukuzehlukanisa
RESOURCES / IZINSIZA-KUFUNDISA	Izincwadi zokubhala, amapensela
ACTIVITY DESCRIPTION / UKUCHAZWA KOMSEBENZI	
<u>Injongo yesifundo:</u> Ukubhala uhla usebenzisa okhefana	
